# *UPhawu LwePhasika LeQiniso*

Inkonzo yasekuseni kakhulu yokuphuma kwelanga, lapho uMfowethu Neville ekhulume nathi umlayezo ovelele kakhulu nge—ngenkonzo yePhasika.

2 Futhi manje ngiyazi ukuthi kubi kabi ukuthi nimile, indawo yethu—yethu yokuhlala lapha incane kakhulu. Futhi bangibuzile nje ukuthi bangavula yini ingemuva lapha futhi bafake abantu endaweni yokubhaphathizela. Ngithe, “Leyo indawo enhle kubo.” Bekuyindawo enhle kakhulu leyo kubo. Bona, ngakho-ke bazodonsa amakhethini emizuzwini embalwa, futhi babe, ngicabanga ukuthi bazoma bazungeze unqenqema. Angazi noma bakhona, noma qha, ngiyibona igcwele amanzi, ngakho bazosondela impela ukuba bame ebhodini. Kodwa ngiyabona balungisa enye yayo manje, ngakho mhlasimpe bazoyivula emizuzwini embalwa.

3 Manje, iPhasika wusuku olukhulu lwethu sonke, silithanda kahle kakhulu iPhasika! Futhi manje sizozama ukuthi singanigcini isikhathi eside kakhulu, ngoba ngaphansi kwezimo.

4 Kodwa nje ngingathanda ukwenza isimemezelo noma ezimbili, futhi lokho kungokuthi izinkonzo zethu—zethu ziqala ngeSonto elizayo, manje, kini bantu bangaphandle kwedolobha. Ziqala eBloomington, e-Illinois, e—ezinkundleni zeMethodist College lapho. Futhi zizohamba zedlule, ngeSonto kuze kube yiSonto. Bese kuthi-ke kuzoba ne—nesidlo sasekuseni sabefundisi. Futhi khona-ke ngizokhuluma nomgwamanda wabafundi, ekholiji, ngokunye ukusa, futhi kuzoba nesidlo sasekuseni lapho, ngiyaqonda.

5 Bese kuthi-ke ngeviki elilandelayo, ngemuva, lelo ngeleshumi nantathu kuze kube i—iSonto lokugcina. Noma kuyini lokho na? [UMfowethu Neville uthi, “Kukhona ukushelela kukho, khona laphaya, mfowethu.”—Umhl.] O, yebo. Awu, isivele ikhishiwe-ke, bayazi ngayo. [“Ngikumemezele.”] Yebo, mnumzane, kulungile, kuhle. EChicago, manje sekubekhona i. . .ngakho-ke ngiyaqonda kusukela izolo ebusuku, abakwazi ukuthola iLane Tech Auditorium, ngakho izoba ihholo elikhulu cishe nje imizuzu eyishumi ukusuka eLane Tech. Kuzoba nelinye ihholo elikhulu, njengoba ngiqonda. Isizathu, mhlawumpe bazoba nezimpawu lapho ezikukhomba e. . .lapho umhlangano uzoba khona.

Khona-ke siyakhuphuka, eBritish Columbia. Bese kuthi-ke khona, ngoJulayi lulunye, kuze kube zizine, eMiami, eFlorida.

6 Ngakho-ke kuyamangaza ngomhlangano omkhulu wetende, ukuthi uma lokho kufika, Ngifuna ukuba lapho ngempela ukuba. . .nonke nina eningakwazi, eWashington, DC, enhloko-dolobha, oko—umhlangano. Kuba ngumhlangano wami wokuqala wetende, niyazi, lapho iNkosi yangithembisa ukuthi Iyohlangana nami kuleyondawo encane emhlanganweni. Futhi ukuthi bahlela lokho manje, basibiza futhi basitshela, osomabhizinisi lapho, ukuthi kuphakathi kokuthi bazothola iHholo leNgqungquthela, lapho esakhuluma khona, noma samisa itende elikhulu. Futhi ngokushesha lapho ethe “itende elikhulu,” ngithe ukukhumbula okuthile, mhlawumbe yilapho indawo yomhlangano ezoba khona, endlini enkulu. Ngakho lokho kuhle kakhulu, kakhulu. Ngakho sizobona mayelana nakho, futhi khona-ke sizonazisa kamuvanyana nje, lapho uMoya oNgcwele uhola ngaleyondlela.

7 Manje ngikholwa ukuthi banezingane ezincane lapha, eziphuma ngaphandle kwedolobha, abebefuna zinikelwe eNkosini. Manje, lokhu, abantu abaningi bayazifafaza, nokunye nokunye. Futhi lokho kulungile ngokuphelele, anginalutho olumelene nalokho. Nokho, ukufafaza akusikho ngokomBhalo, enganeni noma kumuntu omdala, niyabo. Ukufafaza nje kuyi—i—i—isimo sobufundisi esiye sathathwa, okokuqala yibandla eliKatolika, sase-ke sedluliselwa ebuProtestaneni. Kodwa awukho umBhalo wokufafazwa komuntu omdala noma ingane. Futhi ngokuthi sithanda ukuhlala ngqo nomBhalo, ngokusondele nje njengoba singakwazi, eBhayibhelini baletha abantwana abancane eNkosini yethu, futhi Yabaqukula, yabaphakamisa ezingalweni zaYo futhi yababusisa, futhi yathi, “Vumelani abantwana abancane beze kiMi.” Manje yilokho esizama ukukwenza, landela iMiyalo yeNkosi ngaleyondlela. Futhi siletha amalunga ebandla, futhi sima sizungeze futhi sinikele abantwana eNkosini.

8 Uma umshayi wopiyano wethu ezodlala iculo lethu, *BaNgeniseni*. Kulungile. Nalabomama abanabancinyane, bazoza, bame ngaphambili. UMfowethu Neville nabanye bamalunga bazoma nami lapha, uma bethanda, futhi sizonikela lababantwana eNkosini.

Bangeniseni, bangeniseni,
Bangenisen’ baphume emasimini esono;
Bangeniseni, bangeniseni,
Lethani abancane kuJesu.

9 Manje lesi yisimo nje, somama benikela abancinyane babo eNkosini. Futhi kulokhu ukusa kwePhasika, isikhathi esihle kanje sombhaphathizo noma ukunikelwa, lenkathi yokuqala nesikhathi sokuvuka. Masiphinde silicule ngenkathi bonke beqala.

Bangeniseni, bangeniseni,
Bangenisen’ baphume emasimini esono;

Bangeniseni, bangeniseni,
Lethani abancane kuJesu.

10 Manje, bangane, ngiyabazi u, ngamunye wabo, uyingane enhle kunazo zonke emhlabeni. Ngiyakwazi lokho. Ngazi kangcono kunokuba ngisho noma yini enye ngalokho. Kunjalo. Futhi yileyondlela ofanele uzizwe ngayo.

11 Bangamagugu amancane uNkulunkulu akunikeze umthwalo wokuwakhulisa. Futhi bengihlala ngisho, futhi ngenza loluhlobo lwesisho komama. Siyazi, kulotshiwe, ngamaVangeli amane, uMathewu, uMarku, uLuka, noJohane. Kodwa kukhona iVangeli lesihlanu, elingalotshwanga, lowo ngumama. Ubathola ngaphambi kokuba iSifundiso sikaMathewu, uMarku, uLuka noJohane sibathole. Ngakho-ke izibopho zibekwe phezu kwenu bomama nani bobaba, ukukhulisa lababantwana eku. . . okoMbuso kaNkulunkulu. Futhi ngiqinisekile ukuthi lokho yisifiso senhliziyo yakho.

12 Sibaphakamisela kuNkulunkulu, ngomkhuleko, futhi sinikele izingane zenu kuKristu. Amalunga nami sizoza ngaphambili, futhi wena sinike igama nje. Futhi manje ngiyazi ukuthi umkami unomona ngami kulomsebenzi ngoba . . .

13 ULisa Ann Mitchell. O! ULisa Ann Mitchell, igugu lezingalo zikanoma ubani. Asikhothamise amakhanda ethu.

14 Baba waseZulwini, njengezinceku zaKho, siphakamisela kuWe loLisa Ann Mitchell omncane, eGameni leNkosi uJesu. Siyamnikela futhi sibizela ukuphila kwakhe eMbusweni kaNkulunkulu. Kwangathi angaphila futhi akhule futhi abe ngumuntu omangalisayo eMbusweni kaNkulunkulu. Senza lokhu, ngokuba, ngoba sithunywe iNkosi yethu. EGameni likaJesu Kristu siyakhuleka. Amen.

UNkulunkulu akubusise.

15 U-H. A., u-E. J. Junior. u-E. J. Junior, ngenkathi esathatha isihlwathi. Ngakho asikhothamise amakhanda ethu.

16 Baba wethu waseZulwini, siphakamisela kuWe lomfo omncane; sikhulekela ukuthi uma uJesu elibala, Uzokwenza inceku kaNkulunkulu enkulu ngaye. Umama umnika Wena. Futhi—futhi siyamethula, eGameni leNkosi uJesu, ukuthi Uzombusisa nekhaya aphuma kulo. Kwangathi angakhuliselwa enkazimulweni kaNkulunkulu, njengoba simnikela kuJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dade, nomncinyana wakho. Ngithi ukuqikelela kulowomsebenzi, ngoba ngihlale ngesaba ukuthi ngizolimaza abafo abancane.

17 Ngizovumela, ungathola kanjena nje. . . Lona ngumfo omncane. Igama? UDeborah Myers. UDeborah Myers omncane, unamehlo aqhakazile namhlanje ekuseni. Asikhothamise amakhanda ethu.

18 Baba waseZulwini, siletha kuWe, uDeborah Myers omncane, sikhulekela izibusiso zaKho phezu komntwana. Njengoba simnikela eNkosini, njengoba uyise nonina bemletha manje, njengasesikhumbuzweni seNkosi yethu uJesu Owabusisa abancinyane, wathi, "Bavumeleni beze kiMi," sinikela kuWe, uDeborah omncane, okwempilo yenkonzo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

19 Manje yimuphi kulaba abanye abafo abancane na? Kulungile, mnumzane. Manje lomfo osemusha, uSarah Ruth, uSarah Ruth Wheeler omncane. UWheeler. S'thandwa.

20 Baba wethu waseZulwini, siletha kuWe lomntwana othandekayo onikezelwe ezandleni zethu ukuba anikelwe. Futhi simile sikhothamise amakhanda nezinhliziyo, ukuKubonga ngaye, futhi sikhulekele ukuthi Uzobusisa impilo yakhe empilweni yenkonzo yaKho. Simnikela kuWe eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise. Sekuphelile manje. Ubuka emuva, ngokungathi (kimi) uthi, "Kukhona okunye na?" Kulungile.

21 Nanso intombazane encane emnene. Manje ungubani igama lakho na? UMica Ungren. Into encane emnene kanje okuyiyo. Sawubona? Uyasola impela, ufuna ukwazi ukuthi kwenzakalani phezulu lapha. Asikhothamise amakhanda ethu.

22 Baba wethu waseZulwini, sinikela kuWe lomntwana omncane othandekayo kulokhu ukusa kwePhasika, siletha abancinyana kuWe. Simnikela eNkosini uJesu, okwempilo yenkonzo. Siphe, Nkosi, ukuba aphile isikhathi eside, ekuFikeni kweNkosi, uma kungenzeka. Futhi menze abe yinkonzo kuWe, njengoba simnikela kuye...yena kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

23 Ubani igama lakhe na? O, uMelynda, uMelynda Ungren omncane. Ba—bafuna ukukubona *ngapha*, Melynda. U—umuhle. Bakithi! Asikhothamise amakhanda ethu.

24 Baba Nkulunkulu, siKunika lelinenekazi elincane, eGameni leNkosi uJesu. Simnikela kuWe, impilo yakhe, okwempilo yenkonzo kuWena, Nkosi, khulekela ukuthi Uzomsindisa futhi umenze enye yezincekukazi zaKho ukukhonza Wena nokwenza lokho azalelwe ukukwenza. Simnikela kuWe, ekunikelweni, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

25 Onke lawa mantombazanyana amahle! Asibone manje... Lona, o, lapha, lona nguye. Sawubona? Unjani kulokhu ukusa na? Ubani igama lakhe, manje na? UJane...UJamie Lynn Daulton.

26 Baba wethu waseZulwini, siletha kuWe lentombazanyana emnene, futhi siyakhuleka ukuthi Uzoyibusisa. Futhi siyacela, Nkosi, ukuthi Uzobusisa amakhaya alababantwana. Kwangathi bangavuswa eziyalweni zikaNkulunkulu, ekuphileni

kokukhonza kuWe. SiKunika lesi sithandwa esincane, njengoba sisinikela kuNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

Inganyana yakho imnene.

27 Sawubona? Awu, manje, ungacishe ungibambe, angeke na? Ubani igama lakhe na? UTeresa Cabert. Buka lapha, Teresa. Akayona into encane enhle na? Zonke lezi yizingane ezincane ezinhle kakhulu.

28 Baba wethu waseZulwini, siKunika lentombazanyana ethandekayo, obathandiweyo bayo bayilethele kithi. Njengoba siletha umntwana kuWe, simnikela ekuphileni kokukhonza uNkulunkulu. Simnikela enkonzweni kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

29 UNkulunkulu akubusise, dade, futhi abusise omncinyane wakho sisakhuleka. Amehlo amancane aluhlaza okwesibhakabhaka; bese-ke kuba ansundu. Ubani igama lakhe na? UCynthia, uCynthia omncane. Bheka *ngalapha*, Cynthia. Lawo mehlo amancane amahle.

30 Baba wethu waseZulwini, siKunika lentombazanyana kulokhu ukusa. Mayiphile isikhathi eside, futhi mayibe yincekukazi yaKho. Abathandiweyo bayibeka ezingalweni zami ukuba inikelwe, ngiyiletha phambi kwamalunga futhi ngiyibeke phambi kukaNkulunkulu, futhi ngiyinikele enkonzweni kaNkulunkulu. EGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

31 Manje, lolu uhlobo oluthile oluncane, futhi. Manje, Meda, ubufanele ube phezulu lapha ukubamba lona. Ngihlale ngesaba ukuthi ngizoyiphula. UJames, uJames Bliss. Ungumfo omncane onamandla obukeka ehlakaniphile, akanjalo na? Yilokho-ke.

32 Baba wethu waseZulwini, siKunika uJames omncane. Kwangathi angaba njengalowo igama lakhe elivela kuye, uJakobe eBhayibhelini, akungabazeki, owakhombisa ukuhlakanipha ngeseluleko senkonzo yeNkosi. Ngikhulekela ukuthi Uzombusisa, nangokuphila kokukhonza Wena. Busisa ikhaya aphuma kulo, futhi kwangathi angakhuliswa ngokuyala kukaNkulunkulu; njengoba simnikela enkonzweni kaNkulunkulu. EGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

33 Impela ngiyathanda. . .Ngubani igama lalentombazanyana na? Khuphukela lapha, s'thandwa. Hhe? UTammy Brown. Makuthi. . .O, Tammy Brown omncane. Unina noyise babhaphathiziwe namhlanje ekuseni. Enye intombazanyana enhle. Asikhothamise amakhanda ethu.

34 Baba, siletha kuwe lomntwana omncane. Ngingacabanga ukuthi kwakuyinto efana nale ngenkathi omama bebaletha kuWe, ngenkathi Wawulapha, uhambo lwasemhlabeni.

Simnikela kuWe, Nkosi. Njengoba ngiqonda, uyise nonina babhaphathiziwe kulokhu ukusa lapha, kuleloGama eliligugu leNkosi uJesu. Khona-ke, ikhaya lakhe lizoba kahle. Ngikhulekela ukuthi Uzombusisa futhi umnike impilo yokukhonza. Njengoba simnikela kuNkulunkulu ngenxa yenkonzo yaKhe, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKhe. Amen.

35 Ngiyabonga. O, linda, ngiyaxolisa, angimubonanga lona. Sawubona? Awu, indoda enhle kangaka. Ngingayibamba. . . Ungaba nenkinga na? Kuhle. Ubani igama lakhe na? UDanny Johnson, uDanny William Johnson. O, he, ubukeka ngisho njengomshumayeli, akanjalo na?

36 Baba waseZulwini, siletha kuWe lomfana omncane. Mhlawumbe usemncane kakhulu ukuba azi ukuthi lokhu kumayelana nani, kodwa kukhona uNkulunkulu eZulwini Obuka phansi futhi oyaziyo lento. Simnikela kuWe, Nkosi, njengoba umama embeke ezingalweni zethu. Ngokukholwa siza eGameni likaJesu Kristu, futhi simbiza njengomklomelo womusa kaNkulunkulu, futhi simnikela kuNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Busiswa, s'thandwa.

37 Ingabe sibatholile bonke na? Manje intombazanyana enhle kangaka eza lapha! Leyo ingubo encane enhle kunazo zonke oyigqokile, nesigqoko esincane. U-Adler, u-Adler, u-Ellen Gail Adler, intombazanyana enhle kanje pho.

38 Baba wethu waseZulwini, ngiletha kuWe leligugu lekhaya, intombazanyana efika emhlabeni. Futhi othandiweyo uyiletha ngaphambili ukuba inikelwe kwenzelwe inkonzo kuWe, azi ukuthi lolusuku olubi esiphila kulo. Sibiza impilo yomntwana njengomklomelo kaNkulunkulu. Futhi simnikela enkonzweni kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

Busiswa, s'thandwa.

39 Nangu umfana omncane ongumshumayeli, abathi ababe babili babo. Ingabe bangamawele na? Emihlanu neyiSishiyagalombili. Ubani igama lalona na? UJohnny. Ovela eRichmond, ovela eRichmond, eVirginia. Ngicabange ukuthi ngiyabukhumbula ubuso bakho. Saba nengxoxiswano ndawonye. Ngenkathi iNkosi yayikhona. Angisakukhumbuli; ngiyabazi ubuso bakho futhi angikwazanga ukuthola ukuthi wawungubani. Kulungile. Awu, siyazi ukuthi uzoza ekhaya elilungile. Igama lakhe nguJohn, Johnny.

40 Baba wethu waseZulwini, siletha kuWe lomfana omncane, uJohnny. Futhi sibeka izandla zethu phezu kwakhe, ngoba yileyondlela Owakwenza ngayo. Wabeka izandla zaKho phezu kwabo. Futhi siyambusisa futhi sibiza impilo yakhe njengomklomelo womusa kaNkulunkulu, simnikele

enkonzweni kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

Busiswa, mfana omncane.

41 ULewis, lo nguLewis.

Baba waseZulwini, siletha kuWe lomfana omncane, uLewis. Futhi uyise uyamletha ngaphambili ukuba anikelwe enkonzweni endlini kaNkulunkulu.

42 Njengoba sicabanga ngezinsuku ezidlule, lapho uHana wehlela ethempelini, futhi wakhuleka, futhi uNkulunkulu wamnika ingane. Futhi wabuyisela ingane emuva futhi wayinikela kuNkulunkulu. Yilokho lababantu abakwenzayo namhlanje, bangenisa abancinyana babo, amagugu abo amancane, babanikele. Futhi—futhi u—umprofethi umthathile, Baba, futhi wakhulisa umfo omncane, futhi waba umprofethi.

Manje sinikela uLewis omncane kulokhu ukusa enkonzweni kaNkulunkulu uSomandla, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Busiswa, ndodana.

Impela kuhle ukunibona ezansi lapha nivela eRichmond, eVirginia, kulokhu ukusa. UNkulunkulu anibusise.

43 Manje ake sibone, lokho yikho na? Kulungile. O, yilabo bafo abancane! Anazi, mina, singahle ukuba sinikele izithunywa zenkolo eziningi ezincane kulokhu ukusa, nomshumayeli, asazi. Konke lokho kulele ezandleni zikaSomandla.

44 Ngifuna ukumemezela ukuthi izinkonzo kulobubusuku, lapha etabernakele, lapho okuzoba khona inkonzo yesidlo. Futhi uma ungakaze uyethamele enye yezinkonzo zethu zesidlo, siphinde sigcine ukugezana izinyawo.

45 Manje, kukhona amaduku abekwe lapha ukuba ngiwakhulekele. Elinye ngelikaMfowethu Grimsley, umfowethu lapha ebandleni. Angazi ukuthi ngakabani lawa. Sithumela lawa, amakhulu namakhulu awo, emhlabeni wonke. Futhi manje sizo . . . Ngifuna ukuwakhulekela emva kokuba sengiqalile ukukhulekela abagulayo.

46 Ngifuna ukukhuluma kuqala, isikhashana nje, ngokuqhubekayo okuncane koMlayezo wePhasika. Futhi manje ngaphambi kokuba sisondele eZwini likaNkulunkulu, asisondele kuYe ngomkhuleko.

47 Baba wethu waseZulwini, siyabonga ezinhliziyweni zethu kulokhu ukusa ngalokhu ukusa okukhazimulayo. Futhi ngaphezu kwakho konke lokho, sibonga ngalokhu ekukumele, ukuvuka nobufakazi obuphawuliwe benkolo yethu, lapho uJesu Kristu avuka kwabafileyo, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili ethize edlule, futhi wazethula Yena uqobo wabuyela eBandleni laKhe, uphila kuze kube phakade. Ngemva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, sijabula kakhulu ngokuthi sisajabulela lokho kuhlanganyela nabafundi

bakaKristu ovukile! Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi uBukhona baKhe buzozwakala kakhulu kulesi sakhiwo kulokhu ukusa, kuze kuba wonke umuntu lapha ongasindisiwe uzoMemukela njengoMsindisi wabo. Nalabo abangagcwaliswanga ngoMoya waKhe, sengathi lolu kungaba usuku lapho uMoya oNgcwele uzokwenza umsebenzi osuqediwe phezu kwabo. Sicela ukuthi Yena, esiVumelwaneni saKhe esikhulu esaphulukisa abagulayo, sengathi Angasondela kakhulu kubantu, ukuthi ukukholwa kuyoba okuvelele, Nkosi, futhi kubusa phezu kokungakholwa, okuzobangela abagulayo nabahluphekile ukuba basuke lapha bephulukisiwe futhi bephila.

Sizocela, Nkosi, ukuthi Ubusise lowo manje ozethwesa ukuchaza iZwi laKho, lokuvuka.

Nkulunkulu, busisa bonke abefundisi yonke indawo, abantwana baKho, izinceku zaKho ezweni lonke, emhlabeni wonke.

48 Futhi woza, Nkosi Jesu, masinyane, ngoba sibona amafu entanta emoyeni, Nkosi, khona-ke siyazi ukuthi kukhona into enkulu ekhuphukayo. Bopha abantu baKho. O, kwangathi bangathatha inkemba yeQiniso, balungiselele izikhali, badonsele phansi isigqoko sokuzivikela, bazigqokise ngeVangeli, futhi, ngaphezu kwakho konke, bathathe lesosihlangu sokukholwa futhi baqhubekele phambili. Siphe khona, Nkosi, ngokuba amafu empi alengela phansi. Sibusise namuhla manje, ngokuba siyazi ukuthi masinyane, ngokwazi kwethu, sizobona uJesu masinyane. Futhi sikhulekela ukuthi sizobe sikulungele ukuhamba lapho kufika lelohora. Kwangathi singalungisa izinhliziyo zethu, futhi sikuqedele lokho, sikuxazulule kube kanye, enkonzweni yasekuseni namhlanje. EGameni likaJesu Kristu, khuluma nathi ngeZwi laKho, iZwi laKho liyiQiniso. Amen.

49 Manje kini eningathanda ukufunda nami emiBhalweni, phenyani kuLuka, isahluko sama 24. Futhi ngifuna ukufunda ingxenye ende impela yaWo lapha, iNkosi ithanda, ukuthola isendlalelo salokho engifuna ukusekela kukho inkulumo yemizuzu embalwa. Futhi manje uma ufuna ukuba, uma kushisa, ngiyacabanga, noma yini, vele uzenze ukhululeke ngangokunokwenzeka, futhi ngizoshesha ngangokunokwenzeka.

50 Futhi sifuna ukusho lokhu, ukuthi siyakuthokozela ngempela ukwethembeka kwenu kokufika. Futhi ngenkathi lokho, nakuba abantu bezama ukusho ukuthi iVangeli selilahlekelwe ukuheha kwaLo, futhi lapho abantu bevela esizweni sonke ukuzoma endaweni lapho izitho zabo zibuhlungu, ngenxa yenkonzo yeNkosi, kusakhombisa ukuthi uNkulunkulu unabantu, futhi kusekhona ukulangazelela enhliziyweni yabo ukubona uNkulunkulu. Nokho, iVangeli ebululeni baLo, kalula nje njengoba linjalo nje iVangeli leNkosi

yethu uJesu Kristu, nokho Kungamandla amakhulu kunawo wonke ake ashaya umhlaba, iVangeli likaKristu. Futhi iVangeli alikho eZwini kuphela, kodwa ngamandla nezibonakaliso zikaMoya oNgcwele. Kwangathi Angasipha lezizinto njengoba sifunda manje evesini lama 36 lesahluko sama 24 sikaLuka oNgcwele.

> *Besa . . . khuluma, uJesu uqobo wema phakathi kwabo,* wathi *kubo, Ukuthula makube kini.*
>
> *Kepha bashaywa uvalo* bethuka, *bethi babone ithongo.*
>
> *Wayesethi kubo, Nikhathazekeleni na? kuvelelani izizindlo ezinhliziyweni zenu na?*
>
> *Bhekani izandla zami nezinyawo zami, ukuthi yimina uqobo: ngiphatheni, nibone; ngokuba ithongo alinanyama* nathambo, *njengokuba ningibona nginakho.*
>
> Sebe*ku . . . shilo lokho, wababonisa izandla zakhe nezinyawo zakhe.*
>
> *Kepha bengakakholwa ngenxa yentokozo . . . bona . . . kabakholwanga ngenxa yentokozo,* bemangala, *wathi kubo, Ninakho ukudla lapha na?*
>
> *Bamnika iqatha le . . . inhlanzi* ebilisiwe, *ne . . .* iq*a lezinyosi.*
>
> *Wakuthatha, wa*kudla *phambi kwabo.*
>
> *Wayesethi kubo, Yiwo lawomazwi ami engawakhuluma kini, ngisenani, okuthi kumelwe ukugcwaliseka konke, okulotshiweyo emthethweni kaMose, nakubaprofethi, nasemahubweni, ngami.*
>
> Wase *evula . . . ingqondo yabo, ukuze baqonde imibhalo,*
>
> Wayesethi *kubo, Kulotshiwe, kanje ukuthi uzakuhlupheka uKristu, avuke kwabafileyo ngosuku lwesithathu:*
>
> *Kushunyayelwe egameni lakhe ukuphenduka nokuthethelelwa kwe*sono *ezizweni zonke, kuqalwe eJerusalema.*
>
> *Nina-ke ningofakazi balezizinto.*
>
> *Bhekani, ngiyathumela kini isithembiso sikaBaba: kepha hlalani emzini waseJerusalema, nize* ne . . . nize *nembathiswe amandla avela phezulu.*
>
> *Wabahola baze bafika . . . Bethaniya, waphakamisa izandla zakhe, wababusisa.*
>
> *Kwathi, esababusisa, wa*hlukaniswa *nabo, wenyuselwa ezulwini.*

*Bakhuleka kuye, baphindela eJerusalema benokuthokoza okukhulu:*

*Babekhona ethempelini njalo, bedumisa uNkulunkulu. Amen.*

Manje uma bengingakubiza ngendikimba, ngingathanda ukuthatha lokhu, *UPhawu LwePhasika LeQiniso*.

51 Ngifika kanjani ekucabangeni into enjalo, bekucishe kube iviki eledlule ngangisendleleni yami, ezansi ngingena eGeorgetown, idolobha elincane ngaphansi kweNew Albany lapha. Futhi kwakukhona abafana bemi emgwaqeni, bethatha iminikelo yezimpawu zePhasika. Futhi ngiqala ukucabanga ngo "phawu lwePhasika." Futhi ngacabanga, "Luyini uphawu lwePhasika na? Impela, kusho okungaphezu kwalokho lababafana abakuthathela iminikelo, uphawu lwePhasika." Futhi ngacabanga, "Benzani ngezimpawu ezinjalo, nangomnikelo othathwe kubo, noma wabo na?" Zibekiwe, kusobala, lezizimpawu, phezu kwezinhlamvu nezinto. Futhi kungumnikelo wokuzithandela kubo, futhi uya kubantu esibhedlela, abanesifo sofuba, nokunye nokunye, nokuzibeka esibhedlela, endaweni yokuphumula, zize ziqedwe. Futhi ngacabanga, "Impela, iPhasika linokuthile okungaphezu kwalokho, uphawu lwePhasika. Kungasho okuthile okungaphezu kokubeka umuntu esibhedlela, ukumgcina ethokomele." Okungukuthi, lokho kuhle kakhulu, manje, angimelene nalutho nalokho. Lokho, Nkulunkulu babusise, leyo yinto emangalisayo. Kodwa noma kunjalo, kubonakala sengathi kufanele kuhambe kudlule kancane kunalokho, ukuthi leloPhasika lalisho okukhulu kakhulu eBandleni lomKristu nasefeni lethu lomKristu, uPhawu lokuvuka. Futhi kungenzeka kanjani ukuthi isitembu esincane sokuposa, kanjalo, singathatha indawo yaLo na? Besingeke sikwenze.

Ngakho-ke ngiqala ukucabanga ngalokho, "Lwaluyini uPhawu lwePhasika na?" Futhi yileyondlela engidonse ngayo lombono wokukhuluma kulokhu ukusa ngoPhawu lwePhasika.

52 Manje iPhasika line, nezimpawu, kanjalonjalo, konke kungeBhayibheli. Siyazithola, zindala njengoba iBhayibheli linjalo, yonke indlela emuva le kuyongena ensimini yase-Edene siyakuthola. Bese kuthi-ke sithola ukuthi noma yini esiyithola noma yikuphi eBhayibhelini, ibuyela emuva kuGenesise. Konke Kwaqala kuGenesise.

53 Futhi khona-ke bengicabanga lokho, ebenginakho engqondweni yami njengoPhawu lwePhasika, khona-ke ngamangala ukuthi kungani Lwenqatshwa kangaka, nokuthi abantu babeyoLenqaba kanjani. Kungani Lalahlwa kangaka na? Futhi bengicabanga ngaleyonkathi ukuthi ALulahlwa njalo, futhi bonke abantu abaLulahli.

54 Kodwa uNkulunkulu wenze indlela kakhulu, ukuthi indoda ibekwe endaweni lapho ephoqeleke khona ukwenza isinqumo. Umuntu angeke aphile emhlabeni ngaphandle kokwenza isinqumo. UNkulunkulu uphoqelela udaba kuye. Ufanele enze isinqumo esithile. Futhi kunesikhathi lapho ofanele wenze khona isinqumo sokufunda, ufanele wenze isinqumo sokuthi ubani ozoshada naye, futhi ufanele wenze izinqumo zezinto ezahlukene.

55 Kodwa ensimini yase-Edene, lapho babenabafana ababili kuphela, isinqumo saphoqelelwa endodeni ukuba yenze isinqumo. Futhi ngicabanga ukuthi kwenzelwa ukukhombisa ubunjalo bakhe bangempela, lokho ayikho, ukukhombisa lokho ayikho ngaphakathi kuye. Manje sithola ukuthi isikhathi safika, phakathi kukaKayini no-Abela, ukuthi isinqumo sasifanele siphoqelelwe, ngenxa yokuthi isikhathi sokukhonza sasesifike, futhi umfana ngamunye wayehlinzekele indlela yokwenza ukukhonza kuNkulunkulu.

56 Futhi uma uzoqaphela, phakathi kokulungile nokungalungile kunokuphefumula nje okukodwa okuncane komehluko. Futhi okungalungile, ngezinsuku zokugcina, kuprofethiwe ukuthi kuyosondelana kakhulu nokulungile, ukuthi kuyodukisa nabaKhethiweyo impela uma kwakungenzeka, phakathi kokulungile nokungalungile.

57 Manje, kubafana, lapho befike ema-altare abo, futhi benza ukukhonza. Manje bengicabanga ngaleyonkathi ukuthi mangaki ama-altare kulokhu ukusa, emabandleni izimbali ezinhle ezibekwe phezu kwama-altare. Futhi lokho kulungile. Angimelene nalutho ngalokho. Kodwa lokho kubonakala sengathi sekuthi akube ngukuphela nje kokukhonza, ukubeka izimbali ezithile e-altare, noma—noma ibandla elihle, noma imihlobiso emihle noma okuthize, futhi lokho kubonakala kukuqeda.

58 Kwaba njalo kuKayini, ngokuba wangenisa izithelo zensimu, futhi wenza inkonzo yakhe kuNkulunkulu, futhi yenqatshwa ngoba akezanga ngendlela efanele neyiyo du uNkulunkulu ayemmisele ukuthi afike ngayo. Kodwa wayenze umnikelo wakhe, futhi wenza yonke into ngokwenkolo nje njengomfowabo, kodwa wenqatshwa. Futhi ngenxa yokuthi wenqatshwa ngasohlangothini lukamoya, khona-ke kwabangela umona uvuke kuye, ngoba wayenomhobholo.

59 Lokho kukumuntu, angeke azivumbe kulokho ayikho, ngoba uzalwa ekulesosimo. Umuntu umelwe eZulwini njengesoni, yisoni. Ngangikhuluma ngalokho esikhathini esithile esedlule, futhi omunye wathi, "Khona-ke lokho akulungile. Uma ngifanele ngimelwe ukungalaleli komuntu oyedwa, khona-ke anginalo ithuba."

Ngathi, "Yiqiniso lelo, ngoba uzalwa uyisoni, kodwa umelwe. Ulahlwe ekulahlweni, ngokumelwa."

60 Awu, khona-ke, lokho kubukeka kunonya kakhulu. Kodwa kuphendulele kolunye uhlangothi, khona-ke si simiselwe ukuPhila okuPhakade, ngokumelwa. Lapho oyedwa asimela, kuze kube sekufeni; Omunye wasimela kukho uPhila okuPhakade, ngakho-ke kusibuyisela emuva futhi ngaphambi kwe—kwesiHlalo sobukhosi futhi. Sonke isidalwa esingumuntu sibuyela ngqo endaweni efanayo, ukuze senze ukukhetha kwethu.

61 Kodwa lowomhobholo obuhlala ukhona, okulungile nokungalungile, okungalungile kuzama ukuketula okulungile. Kwaqala e-Edene, futhi sekwehle kwadabula eminyakeni. Sekwehle kwaze kwangena ezindabeni zezwe. Kwehla kungene ezindabeni zebandla. Kwehlela empilweni yasekhaya. Umhobholo, ukuzama ukubusa noma wonakalise, ukuzama ukwahlula, ukusunduzela ngaphandle. Futhi sibona into isebenza yonke indawo, futhi ibihlala inakho, into efanayo, izama ukuchitha noma ukweqa.

62 Kwehlele eTestamenteni eLidala, uNkulunkulu, ngezinsuku zabaprofethi, emuva. Nginabambalwa ababhalwe phansi lapha, engingeke ngibe naso isikhathi sokufika kukho. Kodwa, uNkulunkulu, ngezinsuku zabaprofethi abadala, phakathi kwakho konke, njengoba Enza ensimini yase-Edene, ngenkathi iPhimbo likaNkulunkulu leqiniso nokukhonza kweqiniso kukaNkulunkulu kwalahlwa, futhi kwakhishwa futhi kwabulawa, ensimini yase-Edene, nePhimbo likaNkulunkulu lithulisiwe ngomhobholo nomhawu, bekulokhu kungaleyondlela ebandleni kusukela lapho, kuzama ukuthulisa iPhimbo likaNkulunkulu leqiniso.

63 Kodwa uma niqaphela, kwathi nje iphimbo lika-Abela lingathula, ekufeni, uNkulunkulu wavusa uSeti ukuba athathe indawo yakhe. Okwakungelutho ngaphandle kokwandulela iPhasika, ukwandulela uvuko, noma ukubuyisela kuze kufike uvuko. Lokho kwahamba isikhashana, kwehle kwedlule eTestamenteni eLidala siyakuthola kuhamba. Abaprofethi, uNkulunkulu waligcina iPhimbo laKhe liphila kanye nabaprofethi. Bakhuluma iZwi likaNkulunkulu; futhi babakhanda ngamatshe. Futhi kwathi nje bengakhanda omunye futhi bamsusa, uNkulunkulu wayeyovusa omunye. Futhi babeyomkhanda ngamatshe lowo futhi bamsuse, uNkulunkulu wayeyovusa omunye. Uhlale njalo egcina ubufakazi baKhe buphila. Kwehle kudabule eminyakeni Uligcinile iPhimbo laKhe liphila phambi kwabantu, kusukela le e-Edene.

64 Futhi manje siyathola, kwathi nje uKayini engabona ukuthi wayenze lokho ayekwenzile, awu, waphuma eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi wanamathiselwa ngophawu wasuswa kuNkulunkulu, ngomaka owawubekwe phezu kwakhe.

"Waphuma," iBhayibheli lathi, "kusukela ensimini yase-Edene, kusukela emasangweni ensimu, ngasempumalanga ye-Edene." Waphuma, wabekwa uphawu, wamakwa, waphuma eBukhoneni bukaNkulunkulu. Into enje!

65 Into esabeka kangaka, ukuthi uKayini, ngenxa yomhawu, nangenxa yokungafuni ukubuyisana noNkulunkulu ngendlela efanele umfowabo afika ngayo. UNkulunkulu wathi kuKayini, "Uma uzokhonza njengo-Abela, uzokwenza kahle."

66 Kodwa uKayini njengokuba athi, "Nakhu engikubeke ndawonye. Yilokhu enginakho, nakhu engikunikezayo. Thatha lokhu noma ukushiye, noma yikuphi Ofuna ukukwenza, Zibonele nje."

67 Manje lolo uhlobo lwesimo sokuziphatha sabantu ngaso sonke isikhathi, empilweni yesonto, kwenye impilo. "Uma . . ." bathi, "Ngiya ebandleni. Ngi—ngi—ngisiza ibandla, nge—ngenza lokhu. Uma uNkulunkulu engeke akwamukela lokho, lokho ngokungcono ukwedlula konke engingakwenza." Niyabo? Kodwa noma kunjalo akukhona lokho uNkulunkulu akudingayo. UNkulunkulu akakudingi lokho.

68 UNkulunkulu udinga i—indlela ehlinzekiwe. Uhlinzekele indlela, futhi Udinga ukuba wemukele lokho Akuhlinzekile, niyabo. Akaludingi usizo lwethu ekuMtsheleni ukuthi akenzeni nokuthi akwenze kanjani. Usenzele indlela yokuba sikwenze, nezinto esifanele sizenze, nokuthi sifanele sizenze kanjani, futhi Akayidingi imibono yethu kukho nhlobo. Asimele size ngaleyondlela. Kodwa sithola ukuthi amadoda athanda ukwenza lokho, konke kwehle kudabule onyakeni. Kodwa uNkulunkulu waligcina liphila iPhimbo laKhe nabaprofethi baKhe, kanjalonjalo, phansi kudabule onyakeni njengoba Eza. Futhi siyakuthola namuhla.

69 Futhi siyakuthola kwezombusazwe. Nginezinto ezibekwe phansi lapha ngezombusazwe, ukuthi besingazithola kanjani nakulolusuku lapho esikhona, ukuthi abantu bathengise ngobuzibulo babo ngenxa yezombusazwe. Futhi uma kungekho noyedwa wenu oke wathola iteyipu engakhuluma kuyo, phakathi enhla eMiddletown, e-Ohio; ngeSonto, iviki eledlule; ngoJezebeli no-Ahabi, ngifisa sengathi beningayilalela ngesinye isikhathi. Futhi kanjani ukuthi isizwe, ngenxa yomhobholo, namadola ambalwa engeziwe, no—umbono othandwayo kakhulu phakathi kwabantu, bathengise ngoKristu impela nje njengoba uJuda enza eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule, ngezinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu. O, kuyinto esabekayo, ukucabanga ukuthi isimo esikhona phakathi kwalesisizwe nalababantu namhlanje! Ukucabanga ukuthi eminyakeni eminingi edlule, babengeke benze into efana naleyo. Kodwa namuhla banomhobholo kakhulu, bezama ukuthola imali eningi, bezama ukuthola izikhathi ezilula. Manje lokho ngukuthi, kusobala, akusibo ubukristu.

70 UmKristu akaceli izinto ezilula. Asinjalo... Kunezethembiso eziningi kakhulu namuhla ezenziwe phakathi kwabantu abangamaKristu, abefundisi abaningi bathembisa abantu into engamanga, "Uma nje uzoza kuKristu, zonke izinkathazo zakho sezixazululiwe." Ngiyanitshela, lapho uza kuKristu zona ziyaqala-ke. Yilapho ugqoka khona umfaniswano futhi uthathe isibhamu, futhi ungene enkundleni yempi. Lomgwaqo womKristu awusiwo umbhede wezimbali olula. Yimpi kusukela ngalo kanye ihora oqala ngalo, kuze ukuba umphefumulo wakho ukhululwa ukufa. Awukho kwipikiniki. Usezinkundleni zempi. Futhi ngakho sithenjiswa izinto.

71 Futhi ngiba, ngezinye izikhathi, ngiyakuzonda ukusho lokhu, kodwa ngikusho ngokusuka enhliziyweni yami, ukuthi ngiyadideka lapho ngizwa okuningi kakhulu ukukholwa okumangalisayo kakhulu, inkolo emangalisayo kakhulu. Futhi yonke into namuhla isibe i—into ethize emangalisayo kakhulu. Yi—yindoda emangalisayo kakhulu. Futhi ithelevishini ivule indlela ngosomkhathi, kanjalonjalo, nenqwaba yombhedo, okumangalisayo kakhulu. O. Futhi bakukhiphela ngaphandle ngisho ekungeneni ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu namhlanje, ukuphiliswa okumangalisayo kakhulu. Manje, uNkulunkulu akanazo izinto ezinjalo njengalokho. Baletha abantu, izikhathi eziningi, emsamo, namadoda anesiphiwo, akungabazeki, kodwa ngokungaliqondi kahle iVangeli, babagcobe ngamafutha, futhi bakhuleke, futhi bame lapho, futhi ubanyakazise kuze kwenzeke okuthize; bayaphulukiswa. Futhi mhlawumbe lowomuntu ephila esonweni, futhi babuyela emuva futhi bakuthole kubuyele kubo ngqo futhi. Mhlawumbe babengaphansi kokuxhuxhuma ngalesosikhathi, okungukuthi ukukholwa kukaNkulunkulu abakunqwabelanisile kwabaphulukisa, kodwa lapho behla phakathi kwabangakholwayo, kuyabuya futhi. Kuzokwenza lokho isikhathi ngasinye.

Esikudingayo namhlanje ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, izinqumo ezingumqamula-juqu ngoKristu! Kulungile.

72 Bengifunda incwadi iletha kamuva nje engithunyelelwe yona ivela eNhlanganweni yamaLuthela, eJalimane, lapho u—umfowethu wayekade ehlala khona, futhi enenkonzo yokuphulukisa eJalimane, ngoxhaso lwebandla lamaLuthela namaPentecostal, nokunye nokunye. Futhi lekhophi yalencwadi iletha yabhalwa: "Wathi, 'Ushumayela lokho kuphilisa ngokukaNkulunkulu; ukuthi konke abafanele bakwenze nje ukuthi, ubeka izandla zakho phezu kwabo, futhi bezwa okuthize, bese beyaphulukiswa.' Wathi, 'Impela ngiyehluka kuwe.' Wathi, 'Manje-ke kuthiwani ngoDeborah Stadsklev omncane ngenkathi efela phezulu lapho na? Ophelele, umntwana ophilile saka ngolunye usuku, futhi emahoreni ambalwa alandelayo wayelele efile. Futhi nonke nenyukela

lapho, futhi nakhuleka, futhi namnyakazisa, futhi namgcoba, nakho konke, okokuphulukiswa, futhi kwakungekho ukuphila. Ingane yalala lapho.' Wathi, 'Khona-ke benzela uMfowethu Branham ithelegramu, futhi akaze asho lutho waze wathola isinqumo esingumqamula-juqu esivela kuNkulunkulu, wase-ke eza eGameni leNkosi uJesu, ukusho i—iZwi.'"

73 Manje yilokho esikudingayo, sithole isinqumo esingumqamula-juqu esivela kuNkulunkulu. Yingakho sifanele size. Yingakho sibhaphathiza eGameni lika "Jesu Kristu," kuyisinqumo esingumqamla-juqu esiphuma eZwini likaNkulunkulu. Yingalesosizathu sihlala nezinto esizenzayo, ngoba ziyiMiyalo kaNkulunkulu neVangeli likaNkulunkulu. Futhi sifanele sihlale naLo ngendlela nje Elilotshwe ngayo. Noma kuvunyelwene, noma uyazondwa, noma kungakhathaleki ukuthi kwenzekani, lokho akuhlanganise lutho naKho. UNkulunkulu ufuna izinqumo ezingumqamula-juqu. Futhi ungakwenza kanjani lapho wazi ukuthi unephutha kwasekuqaleni na? Angeke ube nesinqumo esingumqamla-juqu esivela kuNkulunkulu. Ungeza kanjani futhi ucele ukuphulukiswa ngokukaNkulunkulu ube wazi ukuthi inhliziyo yakho ayilungisene noNkulunkulu, ukuba uMkhonze na? Niyabo, ufuna ukuphindela emuva ngaphandle futhi wenze izinto ezisezweni. Awusoze waphuluikiswa kanjalo, niyabo. Ufanele uze uhlanzekile phambi kukaNkulunkulu, futhi unikele impilo nenhliziyo yakho kuNkulunkulu, futhi khona-ke uNkulunkulu uzophulukisa. Futhi kuyahlala-ke, ngoba ukukholwa kwakho kugxilisiwe okwehange.

74 Manje sekuphakathi, sithola lowomhobholo, nokho, ebandleni, nakwezombusazwe, nasezindabeni zezwe. Isizwe esisodwa, buka phansi lapha e-Afrika manje, okwenzakalayo. Bukani, ngenxa yomhobholo, bukani ukuthi kwenzekeni ezansi lapho manje e-Afrika; hhayi lapho kuphela, kodwa emhlabeni wonke, yonke indawo, ngoba umuntu ufuna ukuba ngumuntu othize. Bona, yilokhu kuphela abanakho, kulapha emhlabeni, noma, baphila ngaleyondlela.

75 Uma lokhu bekuyikho konke ebenginakho, bengiyoba ngumuntu olusizi. Ngifuna uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Yilapho esibekelele khona ingcebo yethu, ngaleyonhloso.

76 Amadodana kaKayini, noma njalo amadodana kaSathane, angamadodana kaSathane ngoba uKayini wayeyindodana kaSathane. Futhi ngakho, ngakho-ke, amadodana kaKayini namuhla. Futhi wena uthi, "Uqinisekile ngalokho, Mfowethu Branham na?" Yebo, ngiqinisekile. Ngiqinisekile ngalokho. Ngokuba . . . lalela.

77 UJesu, ngenkathi Elapha emhlabeni, Watshela labo baholi benkolo khona lapho ukuthi, "Ningababakayihlo, udeveli." Nokho babemnene, futhi babekholwa, futhi babeyizifundiswa, futhi

benezakhiwo ezinkulu, babenamabandla amakhulu, futhi babenemfundo enkulu, nobupristi, nemiyalo, nokunye nokunye, kodwa behluleka ukuqonda ukuthi uKristu wayenguBani. Behlulekile ukubamba usuku lwabo.

78 Futhi njengoba bakwenza ngaleyonkathi, kanjalo bayakwenza manje, ngokufanayo nje ncamashi. Bayehluleka ukuqonda usuku esiphila kulo, nezinto uNkulunkulu azenzayo. Manje siyabona-ke, singabeka . . . Uma labo baholi benkolo . . .

79 Manje nakhu! Uma labo baholi bezenkolo ngalolosuku babebizwa ngamadodana kadeveli, siyazi-ke ukuthi udeveli, ekuqaleni, nguye owaphefumulela uKayini ukuba ahluphe umfowabo futhi ambulale. Leyo yinto efanayo eyenzekayo ngabaholi abafanayo abahlupha uJesu Kristu futhi baMbulala. Baphoqelelwa esinqumweni ngokufanayo njengoba baphoqwa emuva lapho ensimini yase-Edene. Baphoqelelwa ukuthi benze isinqumo, "Awu, kuthiwani ngaLokhu na?" Amadodana kaKayini, amadodana kaSathane.

Wena uthi, "Ngabe lokho kuya ezizweni na?"

80 Ngenkathi uSathane ekhuphulela uJesu esiqongweni sentaba ukuba amlinge, waMkhombisa yonke imibuso yezwe. Manje, kwakuyilokho kuphela okwakukhona nakho konke okwakuyoba khona, yonke imibuso yomhlaba wonke. Futhi wathi, "Lena ngeyami, futhi ngenza noma yini engikufunayo ngayo. Ngingayenza ilwe, ngingayenza yenze *lokhu* noma okunye." Futhi wabiza imibuso yezwe, ngakho-ke singabona ukuthi umhobholo nobugovu kungena kanjani kwezombusazwe. Niyabo? Singabona-ke ukuthi kukuphi ebandleni nakubaholi bebandla, lapho umhobholo nobugovu bungena ebandleni.

81 Manje bhekisisani lowomhobholo omdala ofanayo owaqala ensimini yase-Edene, owabeka uphawu olubi kolunye, noPhawu olokahle kolunye, kwehla ngqo ezikhathini zeNkosi yethu uJesu. Ngenkathi Wayelapha emhlabeni, Wathethiswa icala ngalokho okwakubizwa ngo "bulungiswa," izinkantolo zobulungiswa. Yeka ukubhuqwa okungalungile okwakuyikho! Kwakungekho neyodwa into ababengayithola kuYe. Lolo kwakuwuhlangothi lwezombusazwe. Abazange bathole lutho kuYe. Ngisho kakhulu njengoba uPilatu, ngokwakhe, wathi, "Angitholi phutha kuYe."

82 Futhi khona-ke kufika ibandla. Baphoqiwe manje ukwenza isinqumo. Emva kokuba izwe lezombusazwe lase liMkhululile, ukuba libambisane nalowomoya ofanayo owawusebandleni, lokho kwakukwezombusazwe; ukukhombisa ukuthi uma uSathane ehluliwe empini yakhe lapha, usenokuthile akugodlile, angawela emuva ngqo abuyele ebandeni. Futhi baMbethela, ngoba babephoqiwe ukuba benze isinqumo. Futhi bathi, "Sinike uBaraba esikhundleni sikaJesu." Niyabona ukuthi bakwenza kanjani na?

Kuphambi kwamehlo ethu namuhla, into efanayo, futhi bekulokhu futhi kuyohlale kunjalo, kuphoqelekile ukwenza isinqumo!

83 Manje, ngenkathi bephoqelele isinqumo, uPilatu wayazi enhliziyweni yakhe ukuthi lapho ebakhulula ukuba. . . wakhulula uJesu ebandleni, ukuthi wayazi ukuthi ibandla yilo elaliMnikele ukuba abethelwe; futhi uma eMkhulula embuyisela ebandleni, ibandla laliyoMbethela. Ngakho, uPilatu akaxolelwa! Wathola amanzi futhi wazama ukugeza iGazi likaKristu lisuke ezandleni zakhe, kodwa angeke akwenze.

84 Kusukela ngalesosikhathi, phezulu lapha eSweden, noma eSwitzerland, njalo, lapho uPilatu ahlangana khona nesiphetho sakhe eminyakeni kamuva, walahlekelwa ingqondo, wahlanya, wazithi ngqu qobo lwakhe ekufeni emgodini wamanzi. Kukhona inganekwane ethi, "Ngehora lesithathu ntambama, lawomanzi aluhlaza okwesibhakabhaka ayakhuphuka esuka phansi kulelochibi." Abantu bayabuthana lapho abavela kuwo wonke umhlaba ukuze balibuke. "Ngehora lesithathu nqo, lawo aluhlaza okwesibhakabhaka, abanzi abukeka eluhlaza ngokumnyama ayakhuphuka ephuma phansi ndawo ndawo, futhi ezamazama phezu kwamanzi bese ebuyela phansi, ukukhombisa ukuthi awekho amanzi angageza iGazi likaJesu Kristu lisuke ezandleni zanoma yimuphi umuntu." Unecala!

85 Futhi wonke umuntu uKristu ake wambeka ezandleni zakho, ayikho into engaligeza lisuke lapho. Yinye kuphela into okumele yenziwe, ngukuLemukela, uliKholwe.

86 Amadodana kaSathane, amadodana kaKayini, ahlupha amadodana kaNkulunkulu, awabulala. Yilokho akwenza ku-Abela. Yilokho akwenza kuJesu. Yilokho akwenze kubaprofethi. Yilokho okukubo ukuthi akwenze futhi, futhi bayokwenza ngokushesha nje lapho umgwaqo usuvuliwe ukuba akwenze.

87 Khumbulani, sike sathi ukugxambukela futhi sazikhohlisa, futhi sasusa abantu emgudwini weVangeli nowomlando, walokho okuzokwenzeka. Futhi lapha sibhekene nakho futhi, khona lapha esizweni sakithi, futhi akukho lutho esingakwenza ngakho. Kodwa wena uthi-ke, "Mfowethu Branham, siyini isizathu sakho sokukhuluma ngokumelene nakho na?" Akungaphezu kokuba ngingamisa isono; ngingabeka izwi lami ngokumelene naso. Futhi yilokho impela engikwenzayo manje ngokumelene nesono, futhi ngokumelene nento engalungile. Senze okungalungile, futhi sizovuna esikutshalile, impela.

88 Kusukela eMiddletown, babeno—nokulalela. Baletha umpristi, umshumayeli wamaBaptisti, nomshumayeli wasePresbyterian, ndawonye, baxoxisane ngalemali yesikole. Futhi umpristi wavuma ukuthi amaProtestani akhokhe intela efanayo njenge—njengeKatolika, futhi—nokuthi izimali kufanele zinikezwe izinhlangothi zombili, futhi

wathi, "Okufanele sikwenze ukwenza isikole esisodwa, isikole samaKatolika." O, impela, thola labobantwana lapho besebancane. O, o, into enje pho!

89 Futhi abantu bahlale kanjani lapho, futhi bangenisa lento ngenxa nje yezombusazwe! Kanjani, angikuqondi. Kodwa silapha, khona lapha kulokhu ukusa kwePhasika. Futhi yona impela into, sona kanye isizathu sokuba size kulelizwe, sibe ngabaseMelika, kwakungenxa yenkululeko yenkolo ngokumelene naleyonqubo kaJezebeli, futhi sibuyela emuva ngqo futhi sikukhethe emsamo phezulu lapho eWhite House. Yona kanye into esize lapha ukuze sikhululwe kuyo! O, yi—yisimo esesabekayo esiphila kuso manje, niyakwazi lokho; ibandla ngokomoya, ngoba lathengiswa.

90 BaMbulala, baMbulala njengoba nje benza u-Abela othembekile. Kungani u-Abela, bulala. . . abulawa na? Ngoba enhliziyweni yakhe wayenesambulo sokwamukela kukaNkulunkulu lokho okwakuthatha ukuhlenga umuntu esonweni. Yingalesosizathu impela babulala uJesu, ngoba kuYe kwakukhona isambulo salokho okuthathe uNkulunkulu ukuba elaphe isono. Yingalesosizathu impela namuhla ukuthi bamelene neBandla langempela likaNkulunkulu ophilayo, ngoba Lishumayela ukwelashwa kwesono, izinto eyenza abantu baphile ngokwehlukile, baziphathe ngokwehlukile.

91 Futhi uma ukuletha phansi ngqo kungene e—ebandleni esiphila kulo namuhla, kungene emaqenjini ethu ePentecostal, babuyele emuva ngqo, futhi benza into efanayo ababekhululiwe ekuyenzeni. Kukhombisa ukuthi kukhona okungalungile ndawo ndawo. Ikhambi lesono! Lingene kalula kakhulu, lithe nyelele phakathi njengokungathi, awu, njengokuzifihla ngaphansi kwenkolo yePentecostal yeqiniso. Kodwa uma ingavezi lolohlobo lodatshana, uma ingavezi lolohlobo lwezimpahla, kukhona okungalungile ngakho ndawana thize.

92 Ithanga lingawaveza kanjani amakhabe na? Angeke likwenze. Umvini wamgilebhisi ungawaveza kanjani amapentshisi na? Awakwenzi. Uma uveza amapentshisi, kukhona ukuphila kwesihlahla samapentshisi emvinini wamagilebhisi.

93 Futhi yilokho esikwaziyo namuhla. Uma ibandla, akunandaba ukuthi lizisho kangakanani ukuthi liyiBandla likaNkulunkulu ophilayo, uma lingavezi uNkulunkulu ngensindiso yakudala, libuyisela abantu e—ensindisweni yangempela kaNkulunkulu (futhi kuyakhombisa phakathi kwabo, uNkulunkulu uhlala phakathi kwabo), khona-ke kuyinto engalungile, aku—ku—kuvezi ukuPhila uKristu athi Kuyokwenza.

94 UKristu wafa eKalvari. Ukuthi Wenyukela kanjani kulesosiphambano! Ngangifunda incwadi encane lapha

esikhathini esingeside esedlule, lokho ohlobweni oluthile lo—ucwaningo, futhi kulolucwaningo ngithole okuthile okuthusayo kakhulu. Ngahlala phansi, ngase ngibeka phansi incwadi, ngase ngiphakamisa izandla zami futhi ngadumisa uNkulunkulu, ngasukuma ngase ngihambahamba kancanyana, ngase ngihlala phansi ngase ngiphinda ngiyifunda. Ngacabanga, "O, ingabe kunjalo, ukuthi kuleligquma elifanayo lapho uJesu abethelwa khona, U-Adamu wafa futhi wembelwa egqumeni elifanayo uJesu afela kulo, futhi wembelwa egqumeni elifanayo lapho u-Adamu afela khona; wafela eGolgotha, futhi wambelwa eGolgotha na?" Futhi ngacabanga, "Okufanele kanje pho, noma ngabe kwakulungile noma kungalungile."

95 Ake sithi kwakulungile. Khona-ke, u-Adamu wokuqala wafa futhi wembelwa, futhi lapho namanje othulini, ngoba wayemele umhlaba nabantu, ukuba bone. Kodwa u-Adamu wesiBili, ngokuba nguNkulunkulu weZulu, ngenkathi Efa eGolgotha, wawungekho umhlaba owanele ukuMbamba lapho, Wavuka ngosuku lwesithathu futhi uyaphila kuze kube phakade. Kodwa inkinga yesono yaxazululwa!

96 UNkulunkulu waxazulula inkinga yesono lapho eKalvari, kulapho isikweletu sakhokhwa khona. Ngenkathi lo-Adamu, u-Adamu wesiBili, efa, Wakhokha isikweletu sesono sesintu.

Nezwe laMfaka ethuneni, lase liMbeka uphawu phakathi kulelothuna.

97 Futhi bazokwenza okufanayo namuhla. Bazama ukwenza okufanayo namuhla. Angifuni ukuthi nikugeje lokhu. Izwe liyazama, futhi liyoya ngokuba libi kakhulu ngaso sonke isikhathi, ukubeka uphawu uKristu abuyele ethuneni futhi. Bazama ukuMenza uNkulunkulu womlando, Lowo owahamba ezinsukwini, futhi unika abafundi amandla okuphulukisa abagulayo, nokukhipha amademoni.

98 Kodwa benzani na? Kwathi nje bangacabanga ukuthi babeMsusile, njengoba nje uKayini enza ngenkathi acabanga ukuthi wayemsusile u-Abela, baMbeka uphawu ngaphakathi ethuneni, futhi baMfaka lapho.

99 Futhi namhlanje bazama ukugcina uKristu ethuneni. Kodwa, o, kwenzani ukusa kwePhasika! Ukusa kwePhasika konakalisa yonke isayense yabo yezenkolo. Futhi lapho ukusa kwePhasika kwakufikele abantu, iBandla lapha, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye kamuva, futhi konakalisa isayensi yabo yezenkolo. Akafile, Uyaphila kuze kube phakade! Angeke baMgcine ethuneni. UngaMfaka ethuneni leMethodisti, noma ithuna leBaptisti, noma ithuna lasePresbyterian, kumbe noma yini oyifunayo. Kodwa Yena—Yena waphuma kulelothuna, futhi uyaphila namuhla! Nganginethuna leBaptisti, futhi ungahle ukuba wawunethuna leMethodisti, kodwa ngolunye usuku uJesu

wavuka lapho, kusuka kuNkulunkulu womlando, kuya kophilayo, uNkulunkulu okhona, ophilayo kuze kube phakade.

100 Kukhona okwenzeka ngalokho kusa kwePhasika. KwakuluPhawu, uPhawu olwanelisekile. Ngenkathi beMthatha futhi baMfaka ethuneni, futhi babeka uphawu lwamaRoma phezu kwalo. Kodwa lapho kuvuka lelohora, lapho lelohora lifika! Wahlala lapho isikhashana, yiqiniso, Wahlala lapho lezozinsuku ezintathu nobusuku. Kepha ngalesosikhathi esimisiwe umBhalo owasisho, Haleluya, ngesikhathi lapho Athi, "Bhubhisa lomzimba, futhi ngosuku lwesithathu Ngizowuvusa"! Khona-ke akukho lutho olungamisa lowomBhalo, Uzofanele ufezeke! Futhi lolophawu lwephulwa, futhi Wavuka, uJesu ofanayo, ephila futhi kuze kube phakade!

101 Futhi iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye ethile, noma mhlawumbe ngizothi iminyaka engamakhulu ayishumi nane noma ishumi nanhlanu, amabandla aMnamathisele ngophawu wasuka. Kodwa Wathi, "Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, kusho uNkulunkulu." Akukho okuzokuvimba! "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sakusihlwa! Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza. Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sakusihlwa!" Angikhathali ukuthi zingaki izimpawu enizama ukuzibeka phezu kwakho, uNkulunkulu uzokwephula zonke izimpawu. Wephula uphawu lwethuna. Wephula uphawu lwesihogo. Wephula uphawu lokufa. Wephula uphawu lwethuna, futhi wavuka kuze kube phakade, futhi wanqoba phezu kwethuna, ukufa, isihogo, amathuna, nayo yonke into eyenziwe ngumuntu eyayikhona, ukukhombisa ukuthi WayenguNkulunkulu futhi angeke esanamamathiselwa asuke ngophawu oluvela kubantu. UNkulunkulu, kuze kube phakade! Akukho okungaMbamba; ithuna lalingeke limbiwe lijule ngokwanele, isihogo sasingeke sishise ngokwanele. O, akukho okwakungaMbamba! Wephula lonke uphawu ngaloloPhawu olukhulu lukaKhisimuzi, noma, hhayi uPhawu lukaKhisimuzi, kodwa uPhawu lwePhasika lolo Ayebekwa uphawu ngalo. Futhi Wathi, "UPhawu olufanayo engilufakayo, nani niyolufaka futhi, lwe. . .Futhi loluPhawu engilufakayo, luyokwenza izinto ezifanayo lapho nibekwe uphawu. Ngokuba lowo okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza; nomkhulu kunalona uyakuwenza, ngokuba Ngiya kuBaba."

102 UzoLigcina kanjani luphansi na? Uzokwenzenjani, abantu bangenzani ngaLo na? Ungahle. . .Uphoqelekile esinqumweni, ukwenza isinqumo sakho ukuthi uzokwenzani ngakho. Kunjalo impela.

103 Manje, sithola ukuthi Yena. . .alukho uphawu olwalungaMbamba, Uyaphuma. UNkulunkulu wephula uphawu, uphawu lwethuna, wephula uphawu lokufa, wephula uphawu lwesihogo, wephula uphawu lwethuna, futhi

waphuma engonqobayo. Yini okwakwenzayo na? LoloPhawu olukhulu olwalungaphakathi kwaKhe. Babengawubhubhisa umzimba, kodwa babengasoze balubhubhisa loloPhawu. UNkulunkulu wanika iBandla uPhawu, khona-ke, olwalungeke lubhujiswe. Ngenkathi bebhubhisa u-Abela, Wavusa uSeti. Ngenkathi bebhubhisa umprofethi oyedwa, nakho kuvuka omunye. Baqhubeka nokubhubhisa. Kodwa uNkulunkulu ubanika okuthile, khona-ke, ukuthi angeke babhubhise. NguMoya ongaphezu kwemvelo; NguMoya oNgcwele qobo lwaWo, futhi aWunakuphosisa futhi aWunakubola. Angeke ubhujiswe. Uzohlala njalo, njalo njalo, njalo njalo. Futhi ngoba Uyaphila, siphila ngaYe ngoba sibekwe uphawu ngaphakathi eMzimbeni weNkosi uJesu Kristu. Ayikho indlela, ayikho indlela yokuba uke ubhujiswe, awusoze wabola, kodwa unokuPhila okuPhakade. Amen. Ukudabula kukaNkulunkulu okukhulu kwalezozimpawu.

104 Kanti futhi wephula olunye uphawu engifuna ukukhuluma ngalo lapha, olutholakala ngale ku-Eksodusi. Kodwa ngeke ngibe naso isikhathi sokufika emiBhalweni, kodwa Yena . . . Wakuthola ngale ku-Eksodusi. Lapho umuntu onile futhi wazahlukanisa eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi weza ukuzokhonza uNkulunkulu, kwakukhona iveli elalilenga phakathi kwengcwele nendawo eNgcwele-ngcwele. Ngaphakathi kwendawo eNgcwele-ngcwele kwakukhona iNkazimulo yeShekina. Babengavunyelwe ukungena Lapho. Babengavunyelwe ngisho nokubuka kuYo. Futhi indoda ingena lapho, yayifanele igcotshwe kanye ngonyaka, igqoke kahle, igazi phezu kwayo, igazi esandleni sayo, igazi ehhashini lempi, ukufafaza isiHlalo soMusa. Inkazimulo yeShekina yayinkulu kakhulu waze walahlekelwa yinduku yakhe lapho unyaka owodwa, waphuma ngaphandle (thola; shiya) eletha induku yakhe. Futhi lapho ebuyela emuva, into yayisivele iyaphila, futhi yahluma, futhi yaqhakaza yonke indawo kuyo, ngoba yayibekwe eBukhoneni beNkazimulo yeShekina. Kodwa kwakukhona iveli elalilenga maphakathi kwaLapho, ngoba kwakukhona isono phezu kwabantu.

105 Kodwa, o, mfowethu, ngenkathi kwakufafaziwe ngalolosuku ngeGazi likaJesu Kristu, uMoya kaNkulunkulu wadabula uphawu kusukela phezulu kuya phansi, futhi wabuyisela umuntu emuva. Kungesikho ukumqhelisa eBukhoneni bukaNkulunkulu kuphela, kodwa Wambuyisela emuva eNkazimulweni yeShekina, eBukhoneni bukaNkulunkulu; ukuthi yena, impilo yakhe efile . . .

106 UJesu wathi, "Uma bakwenza lokhu eMthini oluhlaza, bazokwenzani kowomile na?" Futhi uma benza lokho kuYe, enguMuthi oluhlaza onokuPhila, kuyoba njani emthini omdala oyiwo ngegama nje ongenakho ukuPhila, niyabo, manje lapho ulaka lukaNkulunkulu luthululwa na? Umuthi

omdala ofile oyiwo nje ngegama singawumela kanjani, lapho uMuthi oluhlaza, wonakalisa ngisho uMuthi oluhlaza, bese uWuthumela, esihogweni na? Ulaka lukaNkulunkulu oluthululelwe ukungalaleli, kwesono, wathumela uMuthi oluhlaza esihogweni, luyokwenzani esihlahleni esomile lapho kugadla kuso na? "Uma abalungile beyosindiswa kalukhuni, uyakubonakalaphi oyisoni nongamesabi uNkulunkulu na?" Lowomuntu owala iNdlela, lowomuntu owazi kangcono, lowomuntu okwembulwe kuye, futhi usenqaba ukuhamba eNdleleni kaNkulunkulu, kuzokwenzekani kulowomuntu na? Kuzoba yini na?

Yebo, Wephula uphawu olwasivimba eNkazimulweni yeShekina, ngoba isono saqedwa manje.

107 Futhi manje uphawu luyisibonakaliso somsebenzi osuqediwe. Futhi siyazi ukuthi uphawu, njengokuthi uzonameka ngophawu inqola kaloliwe, awu, bafaka wonke umsebenzi kuyo, futhi bagcine yonke into, khona-ke kunamathiselwe ngophawu kuze kufike lapho kuya khona. Noma yiluphi uphawu luwumsebenzi osuqediwe. Uma ubhala umbhalo, khona-ke usunamathiselwe ngophawu ekugcineni. Awulokhothwa unamatheliswe ngophawu kuze ukuba sekuqediwe.

108 Manje, igazi lezimbuzi nezithole, nokunye nokunye, lalingeke lisuse isono. Kodwa ngenkathi lokhu sekuqediwe eKalvari, kwasusa isono. Manje bhekani.

109 Ensimini yase-Edene, ukuvimbela abantu ukuba bangabuyeli kulowoMuthi, uNkulunkulu wabeka iNgelosi lapho njengophawu, ngenkemba ephendukela ndlela zonke, ukuqapha lowoMuthi. Futhi lapho esenze ukukhonza kwakhe, futhi wehla. . .Manje khumbulani, Ubani owayekulowoMuthi na? Wawungubani lowoMuthi na? KwakunguJesu.

110 Umuthi wokufa kwakungumama wakho, wakuletha lapha empilweni yemvelo. UKristu ungukuZalwa ngokuPhila kokoMoya. Bonke abaphila ngowesifazane, bayafa; wonke ozelwe iNdoda, uyaphila. Wonke ofika ngowesifazane, ungokwemvelo; wonke ofika ngeNdoda, ungowoMoya. Hhayi indoda *lapha*; uMuntu uKristu Jesu!

111 Futhi bhekani uMuthi, ugadiwe; angeke ubuyele emuva, ngoba awukho umnikelo olungele ukususa isono. Ngakho ngakho-ke ngenkathi befika ukuzokhonza, iNkazimulo yeShekina yayingemva kweveli, inamathiselwe ngophawu ngaphandle kubo. Yayinamekwe ngophawu ngaphandle kubo, kusukela ensimini yase-Edene.

112 Kodwa lapho uSuku lwePhentekoste selufikile, mfowethu, ngenkathi uJesu efa lapho eKalvari futhi waqeda umsebenzi, Akazange anamathisele ngophawu umuntu ngaphandle, Wanamathisela ngophawu umuntu ngaphakathi naYe uqobo. Futhi manje sinamathiselwe ngophawu, futhi savalelwa

eBukhoneni beNkazimulo yeShekina. Akukhona kuphela ukuthi sinamathiselwe ngophawu ngaphakathi, kodwa sinamathiselwe ngophawu Phakade. Amen! O, ngiyakuthanda lokho, unamathiselwe ngophawu ngaphakathi manje! Lolo uPhawu lwangempela lwePhasika, "Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sinamathiselwa ngophawu eMzimbeni munye."

Wena uthi, "Ngabe uMoya oNgcwele uwuPhawu na?"

113 Kwabase-Efesu 4:30 kwathi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu." Lolo ngolwangempela, uPhawu lwePhasika lweqiniso. Kukhombisa ukuthi isono sesikhokhelwe, wena, futhi uNkulunkulu ukwamukele, futhi unamathiselwe ngophawu kuKristu ngoMoya oNgcwele. Isono siqediwe. UPhawu lwaPhakade seluqediwe.

114 Manje sivukile namuhla. Kungani singaba nesikhathi esinjalo phezu kwezinto zikaNkulunkulu na? Ngoba sivukile. "Labo Ayebazi ngaphambili, Ubabizile; labo Ababizile, Ubalungisisile; labo Abalungisisile, Ubakhazimulisile." Khona-ke manje sesivukile. Sivukile kusukela ngaphakathi kuya ngaphandle, hhayi ukusuka ngaphandle kuye ngaphakathi. O! Niyaqaphela na? Aninamalithelisiwe ngophawu ngaphandle, nga*le*ndlela, kodwa ninamathiselwe ngophawu ngaphakathi. O, he, ukuba ibandla belingakubona nje! Niyabo, asinamathelisiwe ngophawu ngaphandle, sinamathiselwe ngophawu ngaphakathi. Lezozinsuku, lapho isono sasi—sasiyisinengiso ngaphambi kukaNkulunkulu, futhi kwakungekho okufanele ukusisusa, savalelwa ngaphandle kwaso. Manje ngenkathi lokho kudatshulwa kabili, nalolophawu lwephulwa ngomnikelo wesono owenziwe ngathi, manje sibhaphathizelwe ngaphakathi, futhi sinamathiselwe ngaphakathi. Sivukile. Manje sesivukile, sesivele sivukile. Wazi kanjani na? IBhayibheli lasho njalo! Amen. Manje sesivukile. Manje sivuswe kanye naYe ekuvukeni kokomoya. Lichaza ukuthini igama elithi *ukuphiliswa* na? *Ukuphiliswa* kuchaza "ukuvuka." Kunjalo. Sesivele sivukile, khona manje, sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sijabulela uPhawu lwePhasika. Amen. Lolo wuPhawu lwePhasika leqiniso likaNkulunkulu. Sikanjani na? NgaMoya munye sabhaphathizelwa eMzimbeni, futhi sanamathiselwa ngoPhawu Phakade. Manje sivusiwe, ngokomoya. Sivuswe kuphi na? Kusukela empilweni yesono, sake saba yizoni futhi sasithanda izinto zezwe.

115 Manje, kunabantu abaningi abathi bavusiwe, kodwa impilo yabo ifakaza okwehlukile. Impilo yakho ifakaza lokho oyikho. "Niyakubazi ngezithelo zabo," uJesu washo. Yingalesosizathu besingeke sihambe ngaphezu kokwenza indoda ikhulume ngezilimi futhi ithi inoMoya oNgcwele. Asikukholwa lokho. Awukho umBhalo walokho. Qhabo, mnumzane. Amadoda akhuluma ngezilimi futhi aphume

aqhubeke futhi aphile njengezwe. Nabesifazane bakhuluma ngezilimi futhi baphungule izinwele zabo, bazipende. Hhe! Ubungeke usho ukuthi lowo bekunguMoya oNgcwele. Ngokweqiniso ngeke, impela ngeke, impela ngeke. Indoda ibhema izigazu, futhi iphumele lapha futhi ihlale nenkosikazi yendoda elandelayo, igijima ijikeleza, iqhubeka, uthi lowo nguMoya oNgcwele na? Qhabo, qhabo. "Niyakubazi ngezithelo zabo. Isihlahla esonakele angeke sithele izithelo ezinhle, noma isihlahla esihle sithele izithelo ezonakele."

116 Sinamathiselwe ngophawu ngoMoya oNgcwele, uPhawu lwePhasika lweqiniso lukaNkulunkulu. Sinamathiselwe ngophawu eMzimbeni kaKristu, ninamatheliswe ngoPhawu Phakade. Hhayi uphawu lwebanga lesikhathi; kodwa lwaPhakade. Futhi manje lowomuntu owemukele lokho, uvusiwe kwabafileyo, ekuphileni kwesono. Kuyini na? UMoya waKhe uvusiwe, ukulangazela kwakhe—kwakhe kuvusiwe, impilo yakhe ivusiwe, uyisidalwa esisha. Futhi uhlangana ndawonye nezakhamuzi zakithi, njengoba sinjalo kulokhu ukusa, ukuba sikhulekelane, futhi sisizane, ukukhuthazana, nokuhlala nokubuthana ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sinamathiselwe ngophawu ngoMoya oNgcwele. "Ngokuba nifile, nokuphila kwenu kufihliwe kuKristu, ngoNkulunkulu, ninamekwe ngophawu ngoMoya oNgcwele," umBhalo washo. Lowo ngumBhalo. Manje niyabona sinamathiselwe ngoPhawu lwePhasika. UPhawu lwePhasika lokuvuka, olwaqinisekisa ukuthi ukuphila kwaKhe nalokho Akushilo kwakuyiqiniso. Manje sithola ukuthi kuwumsebenzi ophelele, kuwumkhiqizo osuqediwe. Ukuvuka kukaNkulunkulu kungumkhiqizo osuqediwe. UMoya oNgcwele uwuPhawu lukaNkulunkulu lomkhiqizo osuqediwe.

117 Manje siza kuKristu. Into yokuqala esiyenzayo, sithola ukulungisiswa ngokukholwa kuYe. Lapho senza lokho, khona-ke siyaqonda ukuthi senze okungalungile, sicela uNkulunkulu ukuba asingcwelise, lokho ngukuthi asihlanze ekuphileni kwethu esonweni. UMartin Luther, ukulungisiswa, umlayezo wakhe. Bese-ke kufika uWesley, nokungcweliswa. Bese kuthi-ke lapho konke sekuphelele, neBandla laKhe seliphelelisiwe, yini into elandelayo na? Umsebenzi osuqediwe. Umsebenzi osuqediwe uwuPhawu, ukuthi iBandla seliphelelisiwe.

118 Njengasesivivaneni. Qaphelani edoleni eliyiphepha. Ngike ngabhekisela kulokhu. Angazi noma ngake ngakwenza yini lapha etabernakele, noma qha. Niyaqaphela edoleni eliyiphepha, kubizwa ngokuthi "uphawu olukhulu." Manje ubungasho kanjani ukuthi i-United States ibingakuqonda lokho ngale eGibhithe banophawu olukhulu, futhi nalu uphawu lwe-United States ngakolunye uhlangothi, ukhozi na? Kungani bebeyophoqeleka ukwenza lokho uphawu olukhulu, uphawu olukhulu na? Ngoba, uma uqaphela, ngemuva ngqo, phezulu

ngaphezu kwesivivane kukhona ibhlokhi encane, nalebhlokhi encane itshe eliyinhloko, nalelotshe eliyinhloko alizange libekwe esivivaneni. Liyicopho elivulekile, uma uke waba lapho. Ngomusa kaNkulunkulu, ngibile. Ngakho akukho—akukho copho esivivaneni. Kuyini na? U-Enoke walakha ngaphambi kukazamcolo. Kwakuyi—yisikhumbuzo, yingalesosizathu singazange sibhujiswe ngesikhathi sikazamcolo. Akukho lutho okwakungasibhubhisa, ngoba siyisikhumbuzo.

119 Manje uma uqaphela, phansi le kwiphansi sibanzi, bese kuthi-ke sibumbeka kakhudlwana ngobuncane, bese kuthi-ke kakhudlwana, bese-ke kuya etsheni eliyinhloko. Lowo ngunyaka wamaLuthela, ukulungisiswa eBandleni; ukungcweliswa; bese-ke kuba ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kodwa lapho sibumbeka ngasecophweni, siyaqhubeka ukusuka onyakeni wamaLuthela, kuya onyakeni kaWesley, kungene onyakeni wePentecostal. Kodwa emva kokushiya unyaka wePentecostal, sisalokhu sibumbeka phezulu size sifinyelele endaweni enjalo kuze kuthi onke lawomatshe alolongeke kakhulu kuze kuthi ireza . . .

120 Asinda amathani namathani, phezulu lapho. Ukuthi bake baze bawaphakamisa kanjani, kuselokhu kuyimfihlakalo kumuntu. Kodwa bathatha lereza, futhi bangagijima, futhi kulolongeke kakhulu kuphelele kakhulu ngangokuthi angeke ngisho ufake ireza lapho udaka lufanele lube khona. Abekwe ndawonye ngokuphelele kanjalo amatshe. Futhi manje lapho lelitshe eliyinhloko, okungukuthi amatshe ahlangana okwesisila sejuba ka*njena*, athi ukungena, ngendlela yama-engela ukuze itshe eliyinhloko lizofika esihlokweni, futhi lihlale phansi kuso ngqo. Ngeke lidinge udaka, lizohlala ngokuphelele.

121 Manje yilokho uNkulunkulu akwenzayo eBandleni laKhe. Ulolonga abantu, futhi ekwenza ngendlela ephelele kakhulu, ukuthi lapho itshe eliyiNhloko, uKristu, efika, kuhlanganisa kulingane isakhiwo ndawonye, bese kuthi-ke ukuvuka kwayo yonke into, iBandla selenyukile. Itshe eliyiNhloko!

122 Manje sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Manje siyaqonda ukuthi uJesu, umzimba kaJesu, wahlwithwa ovukweni. Manje siyazi ukuthi iBhayibheli likhuluma ngamazulu amathathu. Siyakwazi, izulu lokuqala, izulu lesibili, nezulu lesithathu. Ngikholwa ukuthi kwakunguPawulu owahlwithwa wayiswa ezulwini lesithathu futhi wabona izinto ezazingafanele ukuthi akhulume ngazo. Manje izulu lokuqala libizwa, emBhalweni, njengamafu; ngamanye amazwi, ezansi ngaphansi, lapha ophawini lwasemhlabeni. Manje lapho lowoMkhathi ovela phezulu ngaphezu kwamafu uba phansi ungene eBandleni, leyo yindawo yaseZulwini. Khona-ke amazulu esibili lithathwa ngesimo sokuhamba kwelanga nezinkanyezi. Futhi amazulu esithathu liya ngale kwalokho.

123 Manje kuyenzeka nje ukuthi sicabange, bhekisisani nje lokhu umzuzu. Manje, u-Einstein wakufakazela, ngokwesayense, ukuthi uma izinto ezimbili zaziza enye kwenye, njengezimoto ezimbili ziza zehla ngaphesheya komgwaqo, futhi uma zaziza ngokushesha ngokwanele (manje zizofanele zihambe ngokushesha ngempela, njengamamayela ayizigidigidikazi ngomzuzwana) kodwa zingadlulana futhi zingaphazamisi lutho. Ijubane liyokwenza, lizedlule ngqo ngaphandle kokuphazamisa noma yini.

124 Manje, manje uma nizoqaphela, bengimi lapha esikhathini esingeside esedlule eMount Palomar, eCalifornia, futhi ngangiqaphela lapho leso sibonisakude esikwazi ukubona iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya. Manje cabangani, iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yesikhala sokukhanya, bekungaba amamayela amangaki ukuba kwephuke. Niyabo?

125 Kodwa nokho iZulu liyizigidigidikazi nezigidigidikazi nezigidigidikazi eziningi ze—zeminyaka yokukhanya yokukhanya ngaphezu kwalokho, kuze kungabe kusacatshangwa ngisho ngakho. Besingake sifike kanjani Lapho na? Ukuhamba, kuzoba njengomqondo, ushesha kakhulu, bekungashesha kakhudlwana. Uma ubungacabanga ngeZulu, ubungashesha kangako ukuba lapho. UJesu, emva kokuba Esevukile, wafika ngezindonga ngqo, ngeminyango ngqo, futhi wama, futhi wadla inhlanzi ebilisiwe, neqa lezinyosi. Haleluya. Isivinini! Hhayi ngokushesha kakhudlwana nje kunokuba ukuphila kuphumile kulomzimba, siseBukhoneni bukaNkulunkulu, ngaleya. Sazi kuphela njengezinyawo namaintshi, namayadi namamayela, kanjalonjalo, sikulenqubo eboshelwe emhlabeni. Kodwa lapho sisuka lapha, mfowethu, o, he, isikhathi esinje pho!

126 Ngikhuluma ngobunye ubusuku nge, u-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe, ukuthi uNkulunkulu wabonisa kanjani ngo-Abrahama. Ukuthi Wamlungisisa kanjani u-Abrahama, isahluko se 12 sikaGenesisi. Futhi kule. . .lokhu kuqhubeke kwehle, isahluko se 16, ukuthi Wasiqinisekisa kanjani isivumelwano ngokungcweliswa. Esahlukweni se 17, makancele esifubeni saKhe, adonse uMoya oNgcwele. Futhi khona-ke Waqinisekisa, noma wambeka (njengoba ningizwile ngishumayela intshumayelo ethi *Yizweni*), wakhipha u-Abrahama futhi waguqula igama lakhe lisuka ku-Abrama laba ngu-Abrahama, wamnika ingxenye yeGama laKhe, Elohim, h-a-m. Khona-ke sithola ukuthi, emva kwalokho, Wabonakala ku-Abrahama.

127 Manje eNzalweni yakhe, bhekisisani ukuthi Uyenze kanjani iNzalo ngendlela efanayo. INzalo ka-Abrahama iza ngokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; ukubonakaliswa kweGama laKhe, embula

ukuthi UnguBani (lesosambulo sikaBani na? UJesu Kristu), umbhaphathizo eGameni laKhe, nokunye nokunye kanjalo, lesosambulo, sihlukanisa iGama laKhe neBandla laKhe, sababizela ngaphandle. Manje-ke Wenzani na? KuleloBandla elifanayo lelo Alibiza ngeGama laKhe, iGama likaJesu, Wenzani na? Wabonakala esimweni esifanayo Asenza ku-Abrahama, ekwazi ukwahlukanisa umoya emva kwaKhe. Niyabo? Wabonakala kuleloGama elifanayo, kuleyonto efanayo, ngesimo esifanayo! Sesisekupheleni komgwaqo nje.

128 Manje qaphelani ukuthi kwenzekeni. Ngenkathi Ekwenza lokho, leso kwakuyisibonakaliso sokugcina Asinika iBandla ngaphambi kokuba uguquko lufike eBandleni, ku-Abrahama noSara. Manje ngenkathi iNgelosi ikhuluma imfihlakalo, owesifazane (iBandla, elalimelele), akakukholwanga neze, wavele wahlekela ngaphakathi. Niyabo, wayeneminyaka eyikhulu ubudala, kwehluleka ukuba naye no-Abrahama njengendoda nomfazi. Niyakuqonda engikushoyo, ubudlelwano bomndeni, cishe eminyakeni engamashumi amabili ngaphambili; awu, babefile ngaleyondlela. uSarah; u-Abrahama onjengofile, isibeletho sikaSara sinjengesifile. Kodwa kwenzekani na? Kwenzekeni na? Wathi, "Kungenzeka kanjani mina, sengimdala njengoba ngimdala, nenkosi yami, asinakho. . .kwanqamuka ngaleyondlela, sesibe nakho lokho kunqamukile kuleyondlela eminingi, iminyaka eminingi. Akunakwenzeka kuye. Akunakwenzeka kimi. Ngingakwenza kanjani na?" Futhi wahlekela ngaphakthi.

129 Futhi iNgelosi yathi, "Uhlekeleni na? Kungani ecabangile enhliziyweni yakhe na? Kungani esho lokhu na?" Manje qaphelani, leso kwakuyisibonakaliso sokugcina ngaphambi kokuba okuthize kwenzeke kuSara no-Abrahama.

130 Manje ngashumayela lapha ngesinye isikhathi, futhi nganitshela ukuthi uNkulunkulu wababuyisela emuva ensizweni nentombi. Ukukufakazisa, wehla, bathatha uhambo oluncane base behlela e—eGerari, no-Abimeleki, leyonkosi yamaFilisti, yamthanda uSara, futhi yayifuna ukumshada. Isizathu, wayesengowesifazane osemusha futhi, emuhle. Futhi qaphelani, Wadingeka enze okuthize, Wadingeka amguqule. Akazange nje ambuyisele ekubeni yinsizwa nentombi, yena owesililisa naye owesifazane, Akakwenzanga lokho; ngoba, ukuba babekwenzile, into efanayo ngabe yaba khona. Niyabo, bazofika ngqo. . .ngoba wamshada eneminyaka engaba yishumi nesithupha, futhi wayeseyinsizwa nje, futhi baphila impilo yabo yonke bengenabantwana. Ukuba nje Wabahlehlisa, awu, bebeyovele benze into efanayo futhi. Kodwa Wadingeka enze into ehlukile, Wadingeka abaguqule ukuze babe nalendodana ethenjisiwe, indodana ethenjisiwe ababezoyemukela. Kodwa Wadingeka aguqule yonke inqubo yabo, futhi ababuyisele ekubeni basha *futhi* abaguqule, ukuze bemukele indodana.

131 Into efanayo Azoyenza ngokulandelayo! Emva kwalokho, futhi khumbulani, emva kokuba lesosibonakaliso sesibonakalisiwe ngokugcwele ku-Abrahama neqembu lakhe, khona-ke into elandelayo efikayo kwakuyilologuquko. Niyabo? Manje sesikubonile konke ngokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukubekwa kwendodana, nezibonakaliso nezimanga zaYo, iseBukhoneni baKhe ukwahlukanisa imicabango yenhliziyo, nokunye nokunye, njengoba Athi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Siyakubona lokho kwenzeka khona manje! Kwakuyini into eyalandelayo na? Ukuguquka komzimba. Manje, kubonisa ukuthi lokhu esikufunayo, iNdodana elindelwe. Udumo! Ngabe kunjalo na? Angeke sihlangane naYe kulemizimba. Uma siguqulelwa emuva ekubeni yizinsizwa nezintombi, noma kunjalo angeke sihlangane naYe, ngoba sifanele sihlangane naYe emoyeni. Kumele kube khona okwenziwayo ngaphandle kokusiguqula sibuyele ekubeni yizinsizwa nezintombi, sifanele siguqulwe futhi sihlwithwe emoyeni ukuze sihlangane naYe. Futhi into elandelayo ezayo wuHlwitho lweBandla, nokuguqulwa komzimba wabangcwele abalele, ukuhlangabeza iNkosi uJesu emoyeni.

132 O, isikhumbuzo sePhasika, labo abanamatheliswe ngophawu ngoMoya oNgcwele! Manje esangweni lase-Edene, umuntu wanamatheliswa ngophawu wasuswa kuNkulunkulu, ePhentekoste wanamatheliswqa ngoPhawu Phakade wangena kuNkulunkulu. Akaphinde angene noma aphume, uLapho unomphela! Bukani! Moya munye, "Sibhaphathizelwa eMzimbeni munye, ngoMoya oNgcwele." Ngabe kunjalo na? Khona-ke sinamathiselwe ngophawu kuze kube nini na? Kuze kube usuku lokuhlengwa kwenu! Akasaphumeli izinto zezwe. "Ngokuba nifile, nokuphila kwenu kufihliwe kuNkulunkulu ngoKristu, ninamatheliswe ngophawu ngaphakathi ngoMoya oNgcwele." O, umBhalo omuhle kanje, ukunamatheliswa ngophawu kuKristu ngoMoya oNgcwele!

133 Khona-ke lapho uJesu wavuka kwabafileyo, umuntu waphinde waphoqwa ukuba enze isinqumo sabo, "Ngabe Wavuka, noma Akavukanga na?" Futhi benzani na? Benza into efanayo abayenza kulokho kuthethwa kwecala okuyinhlekisa, ezombusazwe nebandla ndawonye; ngokwezombusazwe nezenkolo bahlangana ngokufanayo njengoba benza ngaleyonkathi.

134 Ngokufanayo njengoba bezokwenza esikhathini esizayo, futhi bekwenza khona manje, ezombusazwe nenkolo! U-Ahabi wayengumfo olungile impela, kodwa uJezebeli, wayeshade naye. Angisho ukuthi uMongameli Kennedy akasiyo indoda elungile, kodwa ushade naleyonqubo kaJezebeli. Kwakungesuye u-Ahabi owakwenza, kwakunguJezebeli emva kwesihlalo sobukhosi,

owayekulawula. Yileyonqubo kaJezebeli ezokwenza umonakalo lapha. Uzofanele akwenze, ngoba ushade naye. Uzofanele akwemukele, uzofanele akwenze, ushade naye. O, he! Bantu, aniboni ukuthi umBhalo wenzani na? Aniboni ukuthi simi kuphi lapha ezinsukwini zokugcina na?

135 Manje qaphelani umuntu emva kokuvuka. Niyakubona lokho kuthethwa kwecala okuyinhlekisa, kuphendulelwa ebandleni, kwazi ukuthi ibandla lizokwenzani. Futhi yini eyakwenza kwenzeka ngenkathi lamasosha lalesaba futhi libaleka na? Ibandla laqasha lamasosha, futhi anikwa imali, ukuba ahambe athi "abafundi baKhe bafikile ebusuku futhi baMthatha."

136 Khona-ke ngifuna ukunibuza. Uma abafundi bafika ebusuku futhi baMthatha, kungani pho bengayithathanga ingubo eyayikuYe na? Uma babengamasela, futhi bentshontsha, abayithathanga ngani ingubo, nayo na? Kodwa ilineni lalibekwe khona lapho, nendwangu ephezu kobuso baKhe, ilineni libekwe lapho elalisephezu komzimba waKhe. Wavele wahamba wedlula kukho konke, futhi wakhuphukela ekuvukeni. Akukho lutho olwaphazamiseka; ngendlela Ayebekwe ngayo, Wayelele ngendlela efanayo, kodwa Wayephumile kwilineni. Amen.

137 Niyabo, kodwa ukuthethwa kwecala okuyinhlekisa futhi, u—u—ukumangalelwa okungamanga. Ngoba ngani na? Babephoqiwe, babephoqiwe ukuba benze isinqumo. Umuntu kwakufanele enze isinqumo. IBandla kwakufanele lithi, "Uvukile kwabafileyo," noma, "Akavukanga kwabafileyo." Amen.

138 O, asiqhubeke sithole ukuzwa kwethu manje, faka insizakuzwa yakho yokomoya. Qaphela, kufika kuleyonto efanayo. Amadoda azama ukulandela, njengemihlangano yethu, futhi ethi. . .Ngizwe ngisho amabandla, iChurch of Christ, elibizwa kanjalo, lathi, "Ngizonikeza inkulungwane yamadola kunoma iyiphi indoda engabonisa ubufakazi obubodwa bokuvu-. . .noma umuntu ophulukisiwe." Ngiyise odokotela kubo, futhi bangeke ngisho bakukholwe. Ngani na? Baphoqelekile ukuthi benze isinqumo. Bazinamathisele ngophawu ngaphandle, noKayini, nezinkolelo-ze zenkolo. IBandla likaNkulunkulu elincane leqiniso liyingcosana ngesibalo, kodwa lihlala lihamba ngaleyondlela, kodwa lizo. . . Lahlupheka kanjani ngaleyominyaka engamakhulu ayishumi nanhlanu yeminyaka yobumnyama na?

139 Bathi, "Ibandla lamaRoma!" Impela, ibandla lamaRoma kuqala laliyibandla lephentekoste, ibandla eliKatolika laliyilo. Laqala ngePhentekoste, kodwa-ke lafuna ukuhlela.

140 Futhi uma lelibandla lePentecostal belingama eminye iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, bebeyoba babi kakhulu kunoma linjalo iKatolika manje. Baqhela baya kude kakhulu

kukho konke! Ngabuzwa ngolunye usuku, "Uzoshumayela uma ufika kulendawo, ngabantu besifazane abazipendayo, abafanele bagqoke izikhindi, abafanele bagqoke lezizinto na?"

Ngathi, "Ungangiceli-ke. Qhabo, mnumzane. Ungangiceli ukuthi ngize."

"Uzokushumayela na?" Baze bathi, "Yimuphi umsebenzi wakho na?"

Ngathi, "Ngumsebenzi weNkosi, futhi ngisemsebenzini waYo." Kunjalo impela. Impela! Ngakho ngathi nje . . .

"Ukwenzelani lokho na? Azikho yini ezinye izinto ongazisho na?"

Ngathi, "Yebo, kodwa mabenze lokho, bese kuthi-ke sizokhuluma ngezinye izinto, niyabo. Niyabo? Niyabo, a—a—asibeke isisekelo."

141 Yileyo indaba. Uzama ukugxumela echophweni lesitebhisi, lapho ubufanele ukuba phansi okwamanje. Niyabo? Qala phansi *lapha*, uhlanze futhi uqale kahle, futhi khona-ke singakhela phezu kwalokho. Kungenjalo, angeke wakhe, ngoba noma yisiphi isisekelo esingakhelwe phezu kwemigomo kaKristu sizowa. Futhi iBhayibheli, Lathi, "Kuyisinengiso ukuba owesifazane ukugqoka ingubo yowesilisa." Akukaguquki nakancane selokhu uNkulunkulu engaguquki. UyiPhakade, nemicabango yaKhe izolo iyafana njengoba injalo namuhla, futhi izoba njalo phakade. UMoya waKhe uyafana izolo, namuhla, naphakade. Imisebenzi yaKhe iyafana izolo, namuhla, naphakade. Ukuhlengwa kwaKhe kuyefana izolo, namuhla, naphakade. Futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ayikho indlela yokukuzungeza. Manje ubufakazi bukaphudingi wukuwudla. Siyakwazi lokho. Ingabe kunjalo na? UNkulunkulu wathi kwakunjalo.

142 Umuntu waphoqwa ukuba enze isinqumo. Yini abaphoqelwa kuyo kuqala ezinsukwini zikaKristu na? Yini abaphoqwa ukuba bayenze na? Baphoqwa, kuqala, ukuba baMemukele. Wabakhombisa isibonakaliso saKhe, uPhawu lwaKhe, WayenguMesiya! Wakubonisa kanjani na? Ngalokho impela iBhayibheli elathi Uyokwenza. WayengumProfethi, futhi Wehlukanisa imicabango engqondweni yabo. Futhi bathi, "Ungudeveli, uBelzebule." Baphoqwa ukuthi benze isinqumo. Ababange besakwazi ukuqhubeka basibambe.

143 Futhi kanjalo nebandla lePentecostal, noma iBaptisti, noma iPresbyterian! UMoya oNgcwele unawo . . . UKristu uvukile, futhi UseBandleni. Futhi bathi, "Lendoda ibhaphathiza eGameni likaJesu. Ikholwa ukuthi awudingi ukuthi ukukhulume ngezilimi ngenxa kaMoya oNgcwele, nezinto ezinjalo, ukuthi lokho akubona ubufakazi obubonakalayo bokuqala. Uyakholelwa kwabesifazane, abesifazane bakithi bonke benezinwele zabo kanjalo. Ngicabanga ukuthi akuhlangene

ngalutho nakho." Khona-ke kungani uNkulunkulu eqinisekisa ukuthi Leli yiQiniso na? Thola ukuthi kukuphi.

Benqaba ubuMesiya baKhe ngenkathi Ebakhombisa ukuthi WayenguMesiya. Baphoqwa ukuthi basho okuthile.

144 Futhi banjalo nanamuhla, bayaLenqaba, futhi angeke baLixhase, futhi bageze izandla zabo kuLo. Isinqumo siphoqelelwe kubo. Awukho umgwaqo ophakathi nendawo! Sisesikhathini sokuphela. Umuntu uphoqelekile ukuba aLemukele noma aLenqabe. Ufanele uLemukele noma uLenqabe. Kuphoqiwe eMelika. Kuphoqiwe eTabernakele likaBranham. Kuphoqiwe kumaPentecostal, kumaMethodisti. Kuphoqiwe yonke indawo. Ufanele uLithathe noma uLishiye. UNkulunkulu uliqinisekisile iZwi laKhe, ekhombisa izibonakaliso zaKhe, esekela inkonzo yaKhe, ekhombisa impela lokho Ayikho, ngokufakazisa ukuthi UnguNkulunkulu. UJesu wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa." Kunjalo. "Kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba, khona-ke kholwani imisebenzi." Nakho la nikhona. Niyabo, bangeke, angeke ba—ba—bathole lutho kuLokho, ngoba Lokho kuyiqiniso. Manje-ke kungani bengaLemukeli na? Kungenxa yehlelo. Angeke baLemukele, ngakho baphoqelekile manje ukwenza elamanqamu.

145 Futhi e-Ohio ezinsukwini ezimbalwa nje ezedlule, amabandla afanayo angixhasa ngonyaka odlule; ngoba ngakuhlasela, futhi ngakhombisa ukuthi kwakungalungile, kwakungekho nelilodwa lawo, kodwa ibandla elilodwa, uMfowethu Sullivan, wayezobambisana. Ngathi, "Ngisenesandla esifanayo, ngisenezinyawo ezifanayo, ngisenoMlayezo ofanayo, ngisewuMfowethu Branham. Yini indaba ngami na?" Akumina. UMoya oNgcwele usakhuluma, uMoya oNgcwele usayenza imisebenzi efanayo, Usalokhu ukubonisa. Kodwa uphoqiwe! Kunjalo, baphoqiwe. Futhi uMoya oNgcwele omkhulu uwela phakathi kwabo ngqo, futhi ekhuluma amaZwi futhi esho izinto Azisho ngaleyonkathi. Khona-ke basaqhubeka . . .

146 Bukani lapha eCalifornia ngolunye usuku. Ngicabanga ukuthi ngingakuthola lapha; nakhu. NgangiseClifton's Cafeteria, isidlo sasekuseni. Futhi lapho umfowethu oyiBaptisti . . . ngemva kokuqeda nje ukudwengula amabandla abe yizicucu, ngibatshela ukuthi babebenza kanjani ububi, nezinto ababezenza, benqaba uNkulunkulu. Lomfowethu oyiBaptisti wenyukela lapha ukuba angigaxe, ukuba kukhulekwe. Futhi, lapho ekwenza, waqala ukukhuluma njengezilimi. Lapho yena . . . Manje, wayeyiBaptisti, wayengazi lutho ngakho. Lapho eseqedile, wathi . . .

147 Futhi owesifazane emi emuva lapho, waseLouisiana, umFulentshi, wathi, "Lolo bekungelona ulimi olungaziwa, leso bekuyisiFulentshi." Futhi lapha kwakuhlezi omunye wesifazane

waseSwitzerland, eLausanne, okhuluma isiFulentshi, (Ngike ngaba lapho), wathi ukuhumushe kahle. Nakhu kufika insizwa yehla idabula lapho (angikaze ngiyibone, akekho owake wayibona) yayingumhumushi wesiFulentshi we-U.N., yathi, "Impela, kunjalo," washo.

148 Futhi lendoda ithi, futhi niyazi lendoda, ngizolibiza igama layo emzuzwini nje. Igama layo kwakunguHenry. Ngizosithola isibongo sayo emzuzwini nje, ngicabanga ukuthi sibhaliwe lapha. Angazi. Likwi Business Men's Voice, uma lingekho. Kodwa yena . . . O yebo, "NguDanny Henry." Manje lokho yi . . . Angisayikhumbuli leyongcweti yamabhayisikobho. [Umfowethu uthi, "Marilyn Monroe?"—Umhl.] Qhabo, akuyena uMarilyn. Meda, ini . . . ? UJane Russell, umzala kaJane Russell. Futhi wakhuphuka wangigaxa, ukuze aphawule ngami, nanka amazwi awasho. Wathi, "Leyontshumayelo ingafakwa eNcwadini yeSambulo." Wathi, "Ilungile." Wathi, "Ngifuna ukukukhulekela, Mfowethu Branham." Waphosa izingalo zakhe kimi, waqala ukukhuluma ngesiFulentshi, futhi ngangingazi lutho ngakho.

149 Futhi nansi incazelo, unayo ibhalwe phansi njengoba umbhalo ufika, usesimweni, kanjalonjalo. Yathi, "Mina, uVictor D-e D-o-w-x," Igama lesiFulentshi, "ngingumFulentshi," nokunye nokunye, "futhi ngangilapho ngenkathi—ngenkathi uDanny" *enikubiza ngakho*, "UDanny Henry, wanikeza lokhu emlayezweni kuMfowethu Branham, ngoFebhuwari ziyishumi nanye, 1961." Uhlala ku 809 North Kings Road, Los Angeles 64. Lalela eku—lalela ekufundweni:

> *Ngoba wena ukhethe indlela . . .*

Manje, niyabo, ngikuthola kahle lokho. Kunengxenye yakho engingayitholi.

> *Ngoba wena ukhethe indlela eyingcingo, indlela elikhuni ngokuthe xaxa, uhambe ngokwakho ukuzikhethela . . .*

150 Ngingakuthola kahle konke lokho, niyabo. Niyabo, zikhethele wena. UMose wazenzela ukukhetha kwakhe uqobo, wayengafanele ukuthi akwenze. Kanjalo nami ngangifanele ngiyithathe lendlela. Ngangingahle ngibe nezakhiwo ezinkulu ngaleya njengabanye babo unazo. Ngingahle ngibe kuyo yonke ithelevishini. Kodwa ubani ozongixhasa e—ekubhidlizeni sona kanye isisekelo na? Kodwa into eyodwa, angidingi ukukhothama ezinyaweni zamuntu ngaphandle kweNkosi uJesu Kristu. Kunjalo. Yebo. Ngishumayela lokho iBhayibheli elikushoyo. Angifanele ngixegise ngezinhlangano zabo, ngoba angiyena owazo. Ngenza ukukhetha. Njengoba Eshilo phezulu lapho, "Njengoba NganginoMose, kanjalo Ngizoba nawe." Futhi Unika uMose izibonakaliso ezimbili zokuqinisekisa, ukufakazisa. Futhi uMose wazenzela ukukhetha kwakhe uqobo.

Niyabo, uMose wazenzela ukukhetha kwakhe uqobo. Ngakho kulula ukuqonda lokho, niyabo, "Wena ukhethe i . . . "

> *Ngoba wena ukhethe indlela eyingcingo, indlela elukhuni ngokuthe xaxa, uhambe ngokwakho ukuzikhethela . . .*

Manje lapha, manje lendoda, manje bhekisisani ukuthi kubhalwe kanjani, ungakubona kubhalwe nga—ngamagama angaphandle.

> *. . . wena uthathe isinqumo esiqinisileyo nesiyiso du, futhi kuyi NDLELA YAMI.*

Makabongwe uNkulunkulu! "Yi*NDLELA YAMI*," Washo.

> *Ngenxa yalesisinqumo esinzima, isabelo esikhulu seZulu sikuhlalele.*

Wayengakaze ezwe ngombono, niyabo, ngalokhu, niyawukhumbula umbono.

> *. . . isabelo esikhulu seZulu sikuhlalele. Isinqumo esihle kangaka osenzileyo!* (Niyabo?)

> *Lesi, kuso uqobo . . .*

Manje nakhu, kusukela lapha kuqhubeke, angiqondi.

> *Lesi, kuso uqobo, ngukuthi* (Obakaki abakhulu nxazonke.) *okuyokunika, futhi kwenze kufezeke, ukunqoba okukhulu kakhulu oThandweni lobuNkulunkulu.*

151 Angazi ukuthi kusho ukuthini lokho, "lokhu kuzofezeka." Mhlawumpe etendeni elincane ngolunye lwalezizinsuku, ehlezi emuva ngaleya, Uyokwazisa.

152 Ngani na? Hhayi ngoba sifanele sikwenze. Hhayi ngoba ukuthi—ukuthi yi—yi—yindlela elula nje. Ungathandwa ngabantu, ubungaba naye wonke umuntu ekumbambatha emhlane, imali ingena igeleza ivela yonke indawo ngomsakazo noma ithelevishini, nokunye nokunye. Bathi bayokuthatha futhi bakusakaze kuthelevishini. Angikholelwa ekuthatheni izinto zikaNkulunkulu futhi ngizikhiphele entweni eyinhlamba yezwe. Angikholelwa kukho konke lokhu ukuhlangana nomunye umuntu nokwenza into engekho. Ngikholelwa ekuyekeleni nje, linda. UNkulunkulu, UnguNkulunkulu, Mvumele enze ngakho lokho Afuna ukukwenza. Siyizinceku, sikhonza iNkosi nje, yenzani njengokusho kukaNkulunkulu. Ndoda, phakathi kwakho konke, nokho, iyaphoqwa ukuba yenze isinqumo.

153 Baphoqelelwa ukuba benze isinqumo ngenkathi uKristu wayelapha emhlabeni, ngoba Wafakazisa kubo ukuthi WayenguMesiya. Ngabe kunjalo na? Futhi baphoqwa, futhi baMbiza ngokuthini na? "Belzebule, umbhuli." Khona-ke eyaKhe . . . ngesibonakaliso saKhe, uPhawu, ngePhasika, uNkulunkulu wakufakazisa, ukuthi WaMvusa kwabafileyo. Emva kwazo zonke lezi ezinye izinto, WaMvusa kwabafileyo!

154 Manje ibandla elizisho ukuthi linoMoya oNgcwele, ubufakazi bukaNkulunkulu bakho, ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, ngoba izinto ezindala zidlulile, nezinto seziba zintsha kini. Lobo ubufakazi bukaNkulunkulu bokuvuka. Awufani nanjengoba wawuvame ukuba njalo, uguqukile! Lapho wawuvame ukungabaza iZwi likaNkulunkulu; lonke iZwi iZwi likaNkulunkulu elilikhulumayo, wena uthi, "Amen!" Niyabo, kukhona okwenzekile kuwe. Leso nje yisimo sokuqala sovuko, uMoya ngaphakathi.

155 Manje iPhentekoste. Emva kwePhentekoste, ngenkathi lababantu bemukela uMoya oNgcwele, umuntu waphoqwa futhi ukuba enze isinqumo, "Ngabe lokho okukaNkulunkulu noma aKusikhona okukaNkulunkulu na?" Futhi bathini na? "Bangabakholwa okuphambene nokukholwa okuyikho. Lokho ukuhlanya. Basenkohlisweni." Ngisho u-Agripha watshela uPawulu, "Uyahlanya." *Ukuhlanya* kusho "ukusangana."

156 Futhi wathini uPawulu na? "NgeNdlela ethiwa ukweduka, yileyondlela engikhonza ngayo uNkulunkulu." WayenoPhawu lwePhasika! Wayekade elapho ngenkathi okuthile kwenzeka. Ngiyajabula ukujoyina izandla kanye naye kulokhu ukusa, enhliziyweni, futhi ngithi, "Pawulu!" Ngani na? Sifanele sishumayele iZwi elifanayo. UPawulu wabayala ukuba baphinde babhaphathizwe, eGameni likaJesu, emva kokuba sebebhaphathizwe ngamanye amagama. Wathi, "Uma ingelosi evela eZulwini isho okunye, mayibe ngeqalekisiweyo." Washumayela ukuPhulukisa ngokukaNkulunkulu. Washumayela amandla ovuko. Washumayela uJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Imibono, namandla nezibonakaliso zikaMoya zamlandela.

157 Uzofanele ube noMlayezo ofanayo, into efanayo. Hhayi isayense yezenkolo, hhayi ukwenza okuthile kwebandla; kodwa aMandla kaNkulunkulu, iPhentekoste, noPhawu olufanayo. UPhawu lukaMoya oNgcwele, uPhawu lwePhasika leqiniso likaNkulunkulu luyizincwadi zomuntu ezimchazayo. Kunjalo! Amalungelo akho obuzibulo. Kuyincwadi ekuchazayo yokuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, futhi uNkulunkulu usebenza ngawe ngendlela efanayo Enza ngayo iNkosi uJesu, ngoba yincwadi yakho ekuchazayo. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Hambani niye ezweni lonke," emva kwePhasika, emva kwePhentekoste, emva kokuba kwase kunikezelwe ngoPhawu lwePhasika, lovuko. Kwakuyini na? UkuPhila okwakukuKristu owavuswa, kufikile futhi kwaphilisa iBandla laKhe, futhi uhlala eBandleni ukwenza izibonakaliso ezifanayo.

158 Ngethemba ukuthi akweqi phezu kwekhanda lakho. Ngethemba ukuthi anginigcini isikhathi eside kakhulu ukuthi wena—wena angeke—ngeke uyithole injabulo yalokho engikuchazayo, niyabo. Ngiyazi ukuthi kunzima, nina bantu

enimile. Ngiyacela, imizuzu nje—nje embalwa, zamani uma ningakwazi. Niyabo, ngifuna uthole leliphuzu, mngane. Ngifuna ukuthi nibone okusenhlizweni yami, obekukade kulapha iminyaka engamashumi amathathu nanye, selokhu ngabeka lelotshe legumbi elincane lapho ekhoneni. Niyabo, kukhona iQiniso, ngizamile ukuLimela. Kube khona zonke izinhlobo zezinto eziphumile kuLo, yiqiniso lelo, kodwa bekuhlale kungaleyondlela.

159 Ngangifunda ngoMartin Luther, wathi, "Kwakuyinto enzima ukukholwa ukuthi wayengabhikishela ibandla leKatolika futhi azedlulele ngakho. Kwakuyinto enkulu leyo. Kodwa into enkulu kunazo zonke, ukuthi wayengalibamba kanjani ikhanda lakhe liphakeme ngaphezu kwayo yonke intshisekelo eyeqile eyalandela imvuselelo yakhe, ukuthi wayengahlala ngokwethembeka eBhayibhelini." Shono lokho uNkulunkulu akushoyo, futhi ungasho lutho olunye. Hlala naKho nje ngqo, uhambe kwesiqondile, isinqumo esiyiso du sikaNkulunkulu. Kunalokho. . . Uma uNkulunkulu enquma ukuthi kube *ngale*ndlela, asihlale naKho ngqo. Leso yisinqumo saKhe. Amen. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane.

160 U—uPhawu lwePhentekoste luyizincwadi ezichazayo zekholwa zokuthi ledlulile ekufeni langena ekuPhileni, ngoba selemukele iSibusiso sephentekoste, uPhawu lwePhasika likaNkulunkulu eNdodaneni yaKhe. Wanamathisela ngophawu iNdodana yaKhe yokuqala ngoMoya oNgcwele. Ngabe kunjalo na? Qiniso. Futhi Wanamathisela ngophawu onke amanye amadodana aKhe ngoMoya oNgcwele.

161 Manje siyathola lapha ukuthi ekunamathiseleni ngophawu lokhu manje ngalesisikhathi, njengoba isikhathi sokuphela sisondela. Kukhona indawo lapha okufanele ngiyishaye, mayelana namadodana, Amadodana kaKayini phandle lapho manje, ebephoqelekile endaweni lapho afanele enze khona isinqumo. Niyabo, kulukhuni kuwo ukwenza, ngoba, uma enza, afanele adele amalungelo awo ehlelo. Niyabo? Kanjalo nomFarisi. Niyazi, abaFarisi benza isinqumo ngoJesu, ngenkathi Efakazisa ukuthi WayenguMesiya. Futhi lapho uMoya oNgcwele usuyifakazisile leNdlela ebizwa ngokuthi ukweduka, lokho kufakazisile ukuthi NguMoya oNgcwele, umuntu ufanele enze isinqumo. Angeke bame bathule.

162 Lapha ngobunye ubusuku, ngangiphumile, ngikhulekela inenekazi eligulayo esibhedlela. Futhi lapho ngehla, ngezwa othile empongoloza, "Billy!" Futhi ngaqalaza. Kwakungomunye wabazalwane lapha, usonta lapha, uRoy Slaughter. Wayemi ezansi ehholo ukusuka kimi, izindlela ezincane, wayesethi, "Umkamfowethu uyagula. Ungangena futhi umkhulekele, Billy na?"

Futhi ngathi, "Impela."

163 Ngangena lapho. Futhi kwakukhona elinye inenekazi elikhulile, cishe iminyaka engamashumi ayisithupha ubudala, lilele lapho, kubukeka sengathi indodana yalo ihlezi eceleni. Ngemva kokuba ngikhulume nabo isikhashanyana, ngathi, "Singakwazi . . . Sizoba nezwi lomkhuleko."

Lathi, "Donsa lelokhethini!"

Futhi ngathi, "Kulungile." Ngathi, "Uyikholwa na?"

Lathi, "NgiyiMethodisti."

Ngathi, "Akusikho lokho engikubuze khona." Ngathi, "Ngabe uyikholwa na?"

Lathi, "NgiyiMethodisti. SingamaMethodisti. Donsa nje lelokhethini!"

164 Angizange ngikwenze. Ngakhuleka, noma kanjani, futhi ngamkhulekela, ngakho ngakhulekela ukuthi uNkulunkulu uzomsindisa. Kodwa yilokho-ke, niyabo, awusuye umKristu, uyiMethodisti. Niyabo, wena u—wena awusilo ikholwa, uyiMethodisti. Ubufakazi bakho uqobo buyakusho. Umusa, ubuhle, ungawela kude kangakanani eBhayibhelini na?

Makholwa! "Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo!"

165 Ingabe ungumKristu na? "NgiyiMethodisti." Lokho kukhombisa ukuthi awuyena umKristu. Ingabe ungumKristu na? "NgiyiChurch of Christ." Lokho kukhombisa ukuthi awuyena umKristu.

166 UngumKristu ngoba uyikholwa. Futhi uma uyikholwa, uJesu wathi kuMarku, isahluko se 16, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela labo abemukele uPhawu lwePhasika, kuze kube sekupheleni kwezwe." Kunjalo, wena uyikholwa.

167 Futhi abantu bayaphoqeleka, bayaphoqeleka manje. Into iyasebenza, futhi bayaphoqeleka ukuthi baLwemukele noma baLulahle. Futhi benzani na? BayaLulahla.

168 Kodwa wayengeke akwenze emuva lapho onyakeni wePhentekoste, ngoba iPhentekoste libuyela emuva ngqo futhi liyahlela, bayeza, bezihlelela entweni efanayo abasanda kuphuma kuyo. IPhentekoste iyaphuma. IPhentekoste akuyona inhlangano, iphentekoste isehlakalo esifika ekholweni. Kodwa benze inhlangano ngakho, futhi benze into efanayo abayilwela kanzima kakhulu ukuba baphume kuyo.

169 Into efanayo eyenziwa isizwe nezombusazwe, beza ngapha besuka enkululekweni yenkolo, ukusuka emfundisweni yamaKatolika yesifebe esidala; futhi babuyela ngqo futhi, ngobumpumputhe bezombusazwe, bakhethe enye yendoda yabo ebalulekile, usozigidi, okuyenze usozigidi ngewiski nemfuhlumfuhlu, nezinto zezwe, ukuthi iba kanjani usozigidi, futhi bayibeka esihlalweni sobukhosi eWhite House, nenqubo yobuKatolika ngemva kwayo. Okungukuthi, ubekade engekho

lapho izinyanga eziyisithupha namanje, futhi efakazisa ukuthi kuqinisile.

170 Futhi ibandla lePentecostal liphuma enhlanganweni, lase libabiza, "ngelibandayo futhi eliyilo ngegama; nabesifazane babo, ngendlela abenza ngayo; nendoda, ngendlela abenza ngayo." Futhi iPhentekoste lahlela, futhi lathatha umoya futhi labuyela kukho ngqo. Ngani ba? Ukuze iBandla langempela likaNkulunkulu lingakhonjiswa emandleni aLo nasenkazimulweni yaLo. Uphoqelekile ukuba uLikholwe. Uphoqelekile ukuthi uLemukele noma uLiphike. Udumo kuNkulunkulu! Liphambi kwakho, futhi angeke uLiphike. Ufanele uthi "yebo" noma "qha." Ayikho indlela yokuphuma kukho. Yebo, mnumzane. Yebo, baphoqelekile. Azikho izinkundla ezimaphakathi. Izwe lonke lizofanele liLemukele noma liLiphike. Futhi yileyondlela okumi ngayo namuhla.

171 Manje sithola ukuthi emva kwePhasika, uJesu, kuMarku 16, wabatshela, "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli, lezizibonakaliso ziyolandela." Futhi indoda... UNkulunkulu khona-ke waphoqelela udaba kulabobantu. Babefanele babone ukuthi labobantu babeneNto ethize! Futhi eyathatha iminyaka engamakhulu amathathu nesithupha ngemva kokufa kukaKristu. Khona-ke yini engena eBandleni na? Babengamakatolika, kunjalo impela, ikatolika eliyipentecostal. Igama elithi *ikatolika* lisho "umhlaba jikelele." IBandla lonke lisemhlabeni jikelele. Futhi babengamapentecostal.

Khona-ke benzeni na? Bahambe bangena kusomabhizinisi, bephendula abanye, bebangenisa. Futhi babenemibono emikhulu yomphakathi.

172 Futhi into yokuqala, niyazi, eBhayibhelini, siyathola ekufundiseni kwethu lapho sifundisa *imiNyaka yeBandla,* ukuthi uJesu wamtshela ngaphambi kokuba kwenzeke, cishe iminyaka engamakhulu amabili, ukuthi kuyoba khona imfundiso, noma kuqala kuzoba yimisebenzi yamaNikolawu, bese kuthi-ke ekugcineni kube yimfundiso. Futhi khona-ke lapho sekukwenzile lokho, Wathi, "Ngiyakuzonda!" Futhi yenzani iPentecostal na? Ukuya phezulu naphezulu kwePentecostal, isigaba esinesitashi, okuhleliwe futhi kwenza ibandla eliKatolika, inhlangano yokuqala engumama.

173 Ingcosana ngesibalo yaphoqeleka ohlangothini olulodwa. Futhi bekulokhu kungaleyondlela kusukela ngalesosikhathi. Behla eminyakeni engamakhulu ayishumi nanhlanu, naleloyongcosana ngesibalo yasinda kukho. Amen!

174 Omunye wathi ngolunye usuku, wathi, "Cabanga ngebandla eliKatolika, zingaki izimpi ezinkulu elisinde kuzo." Izimpi ezinkulu na? Impela, no—nomthetho ohlangothini lwalo, nesizwe ohlangothini lwalo, nezombusazwe ohlangothini lwalo!

175 Cabanga ngaleyo Pentecostal encane eyayingenalutho ngaphandle kukaMoya oNgcwele, kodwa Lasinda kukho. Futhi khona lapha kulokhu ukusa, ngubufakazi obubonakalayo obuphilayo ukuthi Lisaphila, futhi Liyophila phakade. Hhayi inhlangano; amakholwa ePentecostal, angempela! Kunjalo.

176 Manje, ngemva kwePhasika, kwenziwa lokhu, kwaphoqeleka ukuba kwenziwe isinqumo. Umuntu kumele enze isinqumo, kumele basenze manje. (Ngidlula okuningi kwalokhu kuphawula.) Akukho okuphakathi nendawo kwenkundla!

177 Futhi amadodana kaSathane azonamatheliswa ngophawu kulezizinsuku zokugcina. Kunesikhathi manje, iBhayibheli elakhuluma ngaso, ukuthi bonke labo ababengenalo uPhawu lukaNkulunkulu bathatha uphawu lwesilo. Futhi siyazi ukuthi uphawu lwesilo ukungakholwa. Isikhathi sokuqala... "Awu, ubungathi uphawu lwesilo luqala kuphi na?" Ensimini yase-Edene. Uphawu lwesilo noPhawu lukaNkulunkulu lwenziwa ensimini yase-Edene. Impela. Lwenziwa ngePhasika, ngokuba ukufa kuka-Abela kwaveza uSeti. Kunjalo. Qaphelani.

178 UKayini wayeyindodana kaSathane. Wayeyindodana yesilo esakhohlisa u-Eva. Ungakubiza nganoma yini oyifunayo. Wayeyindodana kaSathane. Futhi wenzani na? UNkulunkulu wabeka uphawu kuye, futhi wamkhipha eBukhoneni bukaNkulunkulu. Ngabe kunjalo na? Futhi wazithathela umfazi, hhayi ngaphandle efeni likaNkulunkulu; kodwa wazitholela umfazi ezweni lakwaNodi, elinye izwe.

179 Futhi yenzani inhlangano na? Yashiya inkolelo yePentecostal yeqiniso ngenkathi ihlela, futhi yakhipha unkosikazi enhlanganweni. Kunjalo impela. Manje akwenza: Buka ukuthi kanjani—buka ukuthi unkosikazi wePentecostal uqala kanjani ukwenza, nalokho akushoyo nalokho akwenzayo, buka isenzo sakhe. Futhi ngimile emuva impela ngalapho, futhi ngizama ukugawula manje. Yona impela iNto ayeyimele ekuqaleni, uzama ukuYigawula, ukuYigqiba, ngoba Iphambene nezivumokholo zakhe. Njengoba kwakunjalo lapho. Kodwa uyaphoqeleka futhi ukuthi enze isinqumo. Uzofanele asenze. Uzofanele asenze.

180 Nkulunkulu, ngisize nabafowethu abazoma nami. Siza, Nkulunkulu, sisize ukuba sime lapho ngobuqhawe. Akunandaba uma kuyigazi lomfel' ukholo, yima lapho! "Ngifanele ngilwe, uma kufanele ngibuse, yandisa isibindi sami, Nkosi."

181 Lapho ngibona uMoya waKhe oNgcwele uhamba phakathi kwabantu futhi wenza izinto ezifanayo, Ngiyazi ukuthi ungulowo Jesu Kristu ofanayo ovukile! Amen. Lokho kuyakuxazulula, ngokwazi kwami. Niyabo? Amen. Ngale kwabaseRoma 4:25, isiphetho, kukhulunywa ngo-Abrahama. "Wanikelwa ngenxa yeziphambeko zethu, wabuye wavuswa ngokulungisiswa kwethu."

182 Kwabase-Efesu 4:30, uMoya oNgcwele uwuPhawu lwePhasika lukaNkulunkulu olusinamathelisa ngophawu iPhakade. Amen. Usinamathisela ngophawu iPhakade, uMoya oNgcwele kaNkulunkulu! O, niya—niyajabula na? Niyajabula ngePhasika na? Niyajabula ngalesisehlakalo na? Unamatheliswe ngophawu, wavalelwa ngaphakathi noNkulunkulu endaweni eyimfihlo, wavalelwa ngaphakathi noNkulunkulu ngomusa waKhe wobuNkulunkulu, sanamatheliswa ngophawu kuze kube lusuku lokuhlengwa kwethu. Lolo olwangempela, uPhawu lwePhasika lweqiniso.

183 Sinesikhathi esingakanani na? Emini, imizuzu emihlanu kushaye eleshumi nambili. Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa na? Asikhothamise amakhanda ethu nje umzuzwana.

184 Baba wethu waseZulwini, akunandaba ukuthi ngingathini, futhi nokho umuntu ufanele akholwe leliZwi ngoba Lilotshiwe lapha. Ngiyakhuleka ukuthi umuntu yonke indawo uzoKwemukela manje njengoPhawu lwabo lwePhasika, ulibo lokuQala, bazi ukuthi sebedlulile ekufeni bangena ekuPhileni; lapho ukufa kwake kwanyathela khona, manje ukuPhila kuthatha indawo yakho. Ngikhulekela ukuthi Uzokhombisa lelibandla, kulokhu ukusa, ukuthi UsenguJesu, ukuthi UsenguYe Owenza izimangaliso nowenza into. Futhi bazi, futhi ngisanda kuthi, njengoba kwaqinisekiswa kubaba u-Abrahama, ukuthi leyoNgelosi eyama ifulathele izethameli ngomhlane waYo, noma kuSara, futhi yasho ayekusho nakucabangayo. O Nkulunkulu, sikubonile isikhathi nesikhathi! Sikubonile ukuqinisekiswa, ukubekwa kweNdodana, ukunikezwa kweGama. Sizibonile zonke lezizinto zenzeka, Nkosi, futhi siyazi ukuthi sisesikhathini sokuphela. IPhasika leli. Abaningi bamile, imilenze inenkwantshu.

185 Futhi manje, Baba, konke ebengingakusho bekungeke kusho nento eyodwa emva kokuthi Usukhulumile, ngaphandle uma kuhambisana nalokho Okukhulumayo. Futhi uma ngikhulume iZwi laKho, khona-ke, Baba, ngiyakholwa ukuthi Wena unguNkulunkulu ozoqinisekisa leloZwi. Ngiyakhuleka ukuthi Uzosipha khona. Vumela uMoya waKho, Nkosi, ungene phakathi kwabantu, futhi wenze lokhu kuqinisekiswe kubantu.

186 Njengoba amakhanda ethu ekhotheme, yonke indawo, mhlawumpe kukhona ukugula phakathi lapha. Akukhokungabaza nhlobo phakathi lapha ngaphandle kokuthi kukhona ukugula phakathi kwabantu. Ngifuna ukwazi, bangaki phakathi lapha ongowangaphandle kwedolobha, ogulayo na? Phakamisa isandla sakho; owangaphandle kwedolobha. Awu, bakhona yonke indawo.

187 Kulungile. Ungalivusa ikhanda lakho. Ngizobuza lokho ukuze uzobona. Bonke lowo wangaphandle kwedolobha engingamazi, owangaphandle kwedolobha futhi angikwazi,

phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngiyagula.” Phakamisani izandla zenu yonke indawo manje, ukuze nje ngizothola umqondo ovamile. Ukudabula lapha, lapha, khona kulelikhona, nasemuva le ngemuva. Kulungile. Manje, nansi inselele: Ngabe leli yiqiniso engilishumayelile na? Uma kuyilo, uNkulunkulu ubophezekile ukuba akwenze.

188 Uma Engakugcini lokhu, alukho uvuko. Uma Ekugcina, yisiqiniseko sovuko. Kuyakhombisa ukuthi uPhawu lwePhasika, ukuthi Akafile, kodwa Uyaphila. Khona-ke ukulahla lokho kungaba ukuhlambalaza kuMoya oNgcwele, futhi akunakuthethelelwa. Manje, uma uMoya oNgcwele uzongena kulomhlangano . . .

189 Bengi . . . ngacabanga ukuthi mhlawumbe sizovele siphakamise abantu, kodwa angeke sibe nomugqa womkhuleko. Bukani lapha, niminyene nje lapha, izinganyana ezincane kuwo wonke ama-altare, nakuyo yonke indawo. Angeke sibe nomugqa womkhuleko.

190 Kodwa, bukani, ngifuna ukunibuza okuthize. Ngabe Usendaweni eyodwa nje, noma Usezindaweni zonke na? Ukuyoyonke indawo. Manje bengingakwazi kanjani, ukuthi uphakamise izandla zakho ukuthi angikwazi, futhi uyisihambi lapha na? Angifuni nayimuphi wabantu betabernakele, ngizonibona kamuva, niyabo. Kodwa abantu nje, ukuze nizobona ukuthi ngabantu bangaphandle kwedolobha engingabazi. UMoya oNgcwele awukhulume noma ngabe kuqinisile noma qha. Mawukhulume, khona-ke amazwi ami azoba yinto eyodwa; futhi uma kuyiZwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu uzoligcina leloZwi.

191 Manje khumbulani, iPentecostal, amakholwa eqiniso angempela kaNkulunkulu, ebelokhu eyingcosana ngesibalo. Futhi ayisixuku esihlekwayo futhi kuhlekiswe ngaso; futhi abantu abazimisele ukukuthatha leyondlela. Ngenkathi bengamaLuthela, uNkulunkulu wabanika ukulungisiswa futhi bahlushwa, kwahlekiswa ngabo, baze bafela ukholo ngisho.

192 Kodwa abakaLuther bangena ngqo, bayihlela emva kokufa kukaMartin Luther. Hhayi, uLuther akazange ahlele bandla. Qhabo, mnumzane. Kodwa abantu ababemlandela bakwenza, ibandla. UWesley akazange ahlele lutho. Qhabo, mnumzane. Kwakungabantu ababemlandela. Futhi manje, ngemva kwa—kwamaPentecostal, bayangena, bahlela abaphuma kukho. Niyabo?

193 Kodwa yilapho esithola khona, niyabo, sibuyele ngqo ezivumwenikholo zethu, noNkulunkulu . . . Wona kanye umzuzu (ngingakufakazisa ngeBhayibheli.), ukuthi noma yiliphi ibandla lithatha inhlangano, lithatha uphawu lwesilo. Hhayi abantu ngabanye ebandleni, kodwa inqubo yebandla, ngoba inqubo yebandla yiKatolika. IKatolika: likwenza konke

kube okomhlaba jikelele, kudonsele phakathi, yonke into. Niyabo? Ngingafakazisa ngesahluko se 17 seSambulo ukuthi wayeyisifebekazi namadodakazi aso ayeyizifebe, izifebe. Yonke inhlangano ithatha. . . ithatha isimo sesifebe; futhi bhekani impela ukuthi wenzeni, ncamashi nje njengoba unina enza. Ngakho uyashesha. . . Hhayi abantu ebandleni, manje. AmaMethodisti angabantu bangempela.

194 Ngethemba ukuthi niyayithola iteyipu lapho iNkosi yakhuluma khona futhi yabonisa ukuthi kwakuyokwenzekani kulelobandla ngalesisikhathi esikhulu esibhekene nathi manje, lapho ukwahlulela kulungiselela ukushaya umhlaba. Futhi qaphelani ukuthi kuzokwenzekani ebandleni.

195 Kodwa indoda eyinhloko yakhe yafa, niyazi. Kodwa lapho. . . Wayengumfelokazi ngenkathi u-Eliya ebuya ohambweni lwakhe lwasehlane; wayengumfelokazi. U-Eliya wathunyelwa kuye, wajabula ukuzwa lowomprofethi ngaleyonkathi, emva kokuba indoda eyinhloko yakhe isifile. Niyabo. Inhlangano yakhe yafakwa eNhlanganweni yamaBandla, yabona lapho eyayikhona, nalokho lowomprofethi ayekushilo kuyafezeka, wayethanda. UNkulunkulu wayesamthanda futhi umprofethi wehlela lapho futhi wamgcina ephila waze wawela iJordani indlala yayisiphelile. Yebo, yiqiniso.

196 Isithombe esihle kanje sokuFika kweNkosi khona lapho ku-Eliya. Siphelele. Futhi khumbulani, loMlayezo ngezinsuku zokugcina uzonikezwa ngu-Eliya, umprofethi; umoya wakhe phezu kwebandla. Kulungile. Kulungile. Niyazi ukuthi igama elithi Eliya lisho ukuthini na? Kulungile. Manje, asikhuleke. Futhi sengathi uMoya oNgcwele. . .

197 Ngifuna ukunibuza okuthize nina bantu. Manje, niyabo, ngabe uNkulunkulu unguNkulunkulu ophilayo na? Ngabe Ukhona na? Khona-ke uma Ekhona, ngifuna ukunibuza okuthize. Manje, emva kokuba sengikhulumile, bangaki phakathi lapha o. . . okholwayo ukuthi lelo yiqiniso na? Ngabe ukhona lapha ongathanda ukuthi, “Angisuye umKristu, Mfowethu Branham. Ngingathanda ukuba nguye. Ngikhulekele”? Angikwazi ukubizela e-altare phezulu lapha, ngoba a—angeke. Vele uphakamise isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele.” Ingabe ukhona esakhiweni na? UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena. Lokho kuhle. Kulungile. UNkulunkulu anibusise, nxazonke, yonke indawo. Kulungile, kuhle. Kulungile.

198 Manje, unelungelo, emva komlayezo onjengalona, unelungelo lokubiza isandla sami, futhi uthi, “Mfowethu Branham, usishumayeze okuthize, ukuthi kulezizinsuku zokugcina uthe isibonakaliso sokugcina kwakungenkathi Esenza, sabonisa ukuthi WayenguNkulunkulu.”

199 Futhi ngezwa umshumayeli ongumJuda ngolunye usuku, wayekade nje...ngangi...Ngomlayezo wami e—emhlatshelweni wesithole esibomvu, indoda iyafika futhi yemukela uKristu, iphuma ebandleni elalikhuliswe ngohlu lorabi iminyaka neminyaka neminyaka, okwe—okweminyaka engamakhulu amane noma amahlanu, emuva le, bonke orabi. Nendoda yezwa umlayezo wami, yathi nyelele yangena emhlanganweni futhi yezwa leso "sithole esibomvu," futhi yaphendulelwa ebuKristwini ngakho. Futhi yama ebandleni ngolunye usuku, futhi yathi, "Noma ubani ongeke akholwe ukuthi kwakukhona oNkulunkulu abathathu esikhundleni soYedwa..." Yayikade ikholelwa kuNkulunkulu oyedwa kwaze kwaba yilesosikhathi. Yahlubuka, esikhundleni sokwenza noma yini enye. Yathi ngenkathi u-Abrahama, ngenkathi labo abathathu bekhuphuka, lokho kwakuyikho kokubili uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele kwenyukela ku-Abrahama.

200 Manje, ngifuna ukukubheka, ngilethe nje okuthile okukhumbulayo. Ngenkathi u-Abrahama ebone abathathu baBo ndawonye, wathi, hhayi ukuthi makhosi ami, kodwa, "Nkosi yami." Kodwa ngenkathi uLoti, umfowabo wehlelo, ngenkathi ebona ababili babo, wathi, "Makhosi ami." Lokho kukhombisa lapho ukhona. Niyabo? ULoti wababiza ngamakhosi akhe. U-Abrahama wabiza abathathu baBo, "Nkosi yami." Kwakukhona oyedwa kuphela waBo lapho, owayeyiNkosi. Kunjalo. U-Elohim.

201 Futhi khona-ke iziNgelosi ezimbili, ezazingelutho ngaphandle kwezithunywa, zehlela lapho; noLoti, lowomfowethu omkhulu kaziqu-zintathu, wayefuna ukubabiza ngamakhosi akhe. Niyazi, "Ngenani ngqo." Niyabona ukuthi yisiphi isimo angena kuso ngoba wayesezansi lapho nezinto zezwe na? Umkakhe, nawo onke amadodakazi akhe phandle lapho njengezwe lonke, nelabo elibandayo, ibandla eliyilo ngegama. Yileyondlela othola ngayo.

202 Yenzeni iNgelosi na? Yafakazisa ukuthi WayeyiNkosi uNkulunkulu. Manje, loMoya oNgcwele engikhuluma ngawo manje, Makafakazise ukuthi UseyiNkosi uNkulunkulu. Makafakazise ukuthi WayenguYe.

203 Manje, khulekani. Manje, ngabe nizo...? Angiphinde ngibuze. Bangaki phakathi lapha, ake sithathe ingxenye encane ngasikhathi, bangaki phakathi lapha, niyasho, phakathi lapha ukuthi—ukuthi niyagula, futhi angikwazi—angikwazi, niyizihambi, futhi nifuna uNkulunkulu aniphulukise na? Phakamisa isandla sakho. Manje, asibheke kulesisixuku lapha. Kulungile. Kulungile. Manje, yehlisani izandla zenu umzuzu nje.

204 Makukhulume uNkulunkulu. Manje, ngiphakamisa isandla sami, angibazi; angibazi. Manje, uma EsenguNkulunkulu,

Angeke yini enze into efanayo na? Owesifazane owathinta ingubo yaKhe . . .

205 Abanye benu besifazane, noma abanye benu lapho ophakamise isandla sakho, kukhona owesifazane ndawo ndawo, ngiyakholwa. Kuphi na? Inenekazi elincane ekugcineni. Unga, phakamisa isandla sakho na? Kulungile. Ubuyiso na? Kulungile, ngiyisihambi kuwe na? Angikwazi na? Kulungile.

206 Bona nje ukuthi UsengumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bakho. Angikaze ngikubone empilweni yami. Uyisihambi kimi. Angazi lutho ngawe. UNkulunkulu uyakwazi. Futhi uma Engangembulela ngoMoya waKhe oNgcwele, uKristu ovukile Ofika lapha, futhi unginika ukuvuka kwesikhashana ngomoya wami, ukuze umoya wami uhambe manje noMoya waKhe ungene, khona-ke ukunazisa ukuthi Uyaphila noma qha. Manje, angikwazi. Yimi lowo, mina nomoya wami, asikwazi. Kodwa Yena uyakwazi. Kodwa Ufuna ukuboleka umzimba wami ukufakazisa ukuthi UnguKristu ovukile. Ngijabula kakhulu ukuMboleka wona, ngiwunike Yena, noma yini Angayithola ngawo.

207 Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini oyizele lapha, uzongikholwa na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Uzongikholwa. Unemithambo eqhansile. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Unokungaphezu kwalokho; unesibhono. Kunjalo. Awuveli kulelidolobha. UngowaseLima, e-Ohio. Igama lakho nguNkk. Stoddard. Kunjalo. Umyeni wakho uhlezi emva kwakho. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakhe na? Unenkathazo ngomhlane waKhe, uhlushwa iqolo lakhe. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, mnumzane. Uyakholwa na?

208 Omunye phansi lapha uphakamise isandla sabo, ezansi kudabule ngapha. Lapha, lelonenekazi lapho. Kulungile. Angikwazi. Lowo ngumyeni wakho ohlezi eduze kwakho lapho. Into oyifunayo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kunjalo. Kulungile, kholwa eNkosini, ungangabazi nje nhlobo.

209 Ngibone umuntu eza ebangeni, kodwa angikwazanga ukusho ukuthi bekukuphi. Ya, yindoda ehlezi khona lapha, ngiyayibona manje. Iyisihambi kimi, futhi. Wena unenkathazo yenyongo, inkathazo yokucinana kwamankanka. Awusuye owalapha. UngowaseGeorgia, indawo ebizwa njengeHubbermill, eGeorgia. Kulungile, kholwa manje, futhi buyela ekhaya futhi uphulukiswe.

210 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Kukhona oyedwa ohlezi khona emuva lapha, ngemuva, lokho kuKhanya kumi phezu komuntu. Bakhulekela othandiweyo onomdlavuza, ongasindisiwe. Kholwa, yiba nokukholwa, futhi ungangabazi.

211 Ngiyabuka nje. Mm. Nakhu Kungapha. Inenekazi elibhekise ikhanda lalo phansi, likhuleka. Linenkathazo ngezinyawo zalo namadolo alo. Angikwazi, ngiyakwazi na? Siyizihambi, phakamisa isandla sakho. Buyela e. . .ikhaya lakho liseNew Hampshire, yilapho ovela khona. Kholwa, futhi iNkosi izokusindisa.

212 Inenekazi lihlezi emuva lapho nentombazane encane, liyikhulekela; inenkathazo yezinso, lihlezi emuva khona lapho. LingelaseGeorgia, futhi. Nksz. Cason, uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke! UyaKwemukela na? Kulungile, khona-ke yana ekhaya, usindiswe. Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami. Uma siyizihambi omunye komunye, vayizelisa isandla sakho, nenekazi. Kunjalo.

213 Nangu omunye ohlezi khona emuva lapha, indoda. IngeyaseGeorgia, futhi. Angiyazi, angikaze ngiyibone. Kodwa ngiyibonile ikhuphuka ivela kulelozwe lamapentshisi. Kulungile. Unenkathazo yesibindi, kunjalo, nesifo samathambo. Ihlezi emuva ngqo esihlalweni esingemuva. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, mnumzane na? Kulungile, buyela emuva futhi uphulukiswe.

214 Kunomuntu othize ohlezi eduze kwakho, inenekazi, emuva le ohliwini olungemuva ngempela. Qhabo, akusikho okwalo. Likhulekela indodana yalo. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkinga ngendodana yakho, nenekazi na? Ngiyisihambi kuwe, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Izilonda ezisemathunjini, nenkathazo yengqondo. Futhi akekho lapha; eDayton, e-Ohio. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje kholwa.

215 Uyazi ukuthi Uyaphila na? Ngabe unguJesu ofanayo izolo, namuhla, naphakade na? Kukhona okungenani abantu abayisishiyagalombili noma abayishumi engingakaze ngibabone empilweni yami. Futhi ngabe kuyiqiniso na? Manje kwangathi uNkulunkulu waseZulwini, Okhona, angaphulukisa futhi asindise, laba. Awu, kuvela egcobweni lukaMoya oNgcwele, hhayi mina. Kwangathi uNkulunkulu okwazi ukwehlukanisa imicabango yengqondo, futhi Azibonakalise ukuthi unguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade, Makeze ngaphambili futhi aphulukise abagulayo. UnguNkulunkulu kuze kube phakade! Niyakukholwa lokho na? Manje bangaki abafuna ukuMkholwa khona manje, futhi baMemukele njengoMsindisi noMphulukisi, nanjengomBhaphathizi neNkosi ezayo na? EGameni likaJesu! O, Haleluya! Ini? UPhawu lwePhasika, uPhawu lwePhasika olungenakuphosisa!

216 Yini into elandelayo na? Ukuguqulwa kwalomzimba, ukuhlangabezana neNdodana ezayo. Sizoguqulwa ngomzuzwana, ngokuphazima kweso. Yiba nazo zonke izimpawu zakho zephepha ofuna ukuba nazo; kodwa uPhawu lwangempela lwePhasika nguMoya oNgcwele enhliziyweni

yomuntu! NiyaKwemukela na? Niyakholelwa ekuvukeni kwaKhe na? Niyakholwa ukuthi Uyaphila kuze kube phakade na? Niyakholwa ukuthi Ulapha na? NiyaMemukela manje njengoMsindisi wenu, njengoMphulukisi wenu, njengoNkulunkulu wenu, njengeNkosi yenu ezayo na? Kholwani ngayo yonke inhliziyo yenu!

217 Njengoba lamaduku, ngikhuleka phezu kwawo. Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu! Abantu abaningi bayawagcoba. Ngikholwa ukuthi bathatha emzimbeni kaPawulu, amaduku nezindwangu, futhi baphulukiswa. Niyakukholwa lokho na?

218 Manje bangaki abanye abakhona lapha, abagulayo na? Manje abantu betabernakele, futhi nxazonke kulomphakathi lapha, okhona lapha, manje phakamisani izandla zenu, kusuka ngalapha. Manje niyakholwa ukuthi Ulapha na? Niyakholwa ukuthi uMoya oNgcwele ulapha na? Manje, lindani, kungani silinde noma yini enye na? Ulapha, ngakho asithathe isinyathelo ngakho! Charlie, ucabangani? Amen. Haleluya! O, kufanele kwenzeke!

219 Angikwazi ukuphulukisa muntu. Angikwazi ukukwenza. Akukho lutho kimi engingaphulukisa ngalo. Kodwa uma nizowemukela loMoya ophezu kwami manje, bekungeke kube khona odeveli abenele esihogweni abangakwenza uKungabaze futhi, futhi ufanele uphulukiswe. Angiyena uMphulukisi; UnguMphulukisi. Angikwazi ukubona imibono; NguYe Okhulumayo. Ngumzimba wami nje Awusebenzisayo.

220 Manje yena lowo Nkulunkulu ofanayo wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Mangaki amakholwa elilapha na? Uqinisekile ukuthi uyikholwa na? Awu, Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Ngabe kunjalo na? Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, futhi ake nginikhulekele nonke. O Nkulunkulu! O, mfowethu! Kukhona okumele kwenzeke. Kukhona okumele kwenzeke.

221 O Phawu olukhulu lwePhasika, hhayi umnduze ebhodweni, kodwa uMnduze eSigodini. Wena, Owakhuluma ngalowomfana ngoluny’usuku, Uze ngaphambili ngeZwi laKho. Ubonakalisile ukuthi UyiQiniso. UyiQiniso, Nkosi. Wena ungukuVuka. Wathi, “NgingukuVuka, nokuPhila: okholwa yiMi, noma efile, wophila: ophila futhi akholwe yiMi akasoze afa. NgingukuVuka, nokuPhila.” “Nginguye”; hhayi “Ngizoba, Ngangi”; “Nginguye manje, ukuVuka nokuPhila.”

222 Lowo owenza lezizimangaliso nguye Lowo owashumayela leliZwi. Alisho yini iBhayibheli ukuthi iZwi leNkosi leza kumprofethi na? Kwakungubani lowo ngezinsuku, abaya kuye, ukuthola ukuthi sasikuphi isambulo seqiniso

sikaNkulunkulu na? Kwakungumprofethi. Futhi bazi kanjani ukuthi wayengumprofethi na? Ngoba wayenesibonakaliso somprofethi, uphawu lomprofethi. Ubani-ke umprofethi na? UMoya oNgcwele.

223 UMoya oNgcwele waloba iZwi, uMoya oNgcwele. Hhayi mina! Yena! NguYe! Ngisanda kunitshela, Usanda kuthatha umzimba wami. Uvele athathe ulimi lwami, athathe amehlo ami, ngoba Wayazi ukuthi ngizokunikela kuYe, ngakho Wavele weza futhi wangenza ngenze lokho. Ngakho akumina! NguYe! Futhi hhayi mina laphaya nani, nguYe laphaya nani. UngukuVuka nokuPhila. O, Nkulunkulu, Nkulunkulu; kukholwe. O, bantu: Mkholweni. Mkholweni. Ulapha.

224 Manje, ngifuna ngamunye wenu omile lapho, ube nokukholwa emkhulekweni wakho siqu. Ngifuna ube nokukholwa kulokho engizokusho. NgizoMcela ukuthi akuphulukise. NgizoMcela ukuba athethelele zonke izono. Siyini leso sono na? Ukungakholwa.

225 Uma nina, abanye benu lapha bengakaze babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu; ichibi sesilungele. Futhi uma ungakakwenzi, into kuphela ekuvimbile ukungakholwa. Kungani ungasamukelanga kakade na? Ukusola into. Aniwuboni uMoya kaNkulunkulu na? Aniyiboni imisebenzi kaNkulunkulu na?

226 Sukani kulezozinhlangano. Ngenani eNkosini uJesu, bese-ke nibuyela enhlanganweni yenu, bese nje nisakaza ukuKhanya. Ungakhathazeki, angeke ube lapho isikhathi eside kakhulu. Bazokwenza wena . . . Kuzokwenzani na? Kuzokwenza ibandla lakho uqobo lifike endaweni okufanele lenze isinqumo.

227 Ngenkathi ngivela ebandleni leBaptisti futhi ngama lapha, a—amabandla kwadingeka enze isinqumo, ngakho angixosha. Kunjalo. Ngilindele ukuba ngixoshwe njalo, njalo njalo, njalo njalo. Kodwa ngolunye usuku, ngiyokwamukelwa, lapho ngiwela iJordani. Kulungile. Uzoxoshwa, kodwa lapho usuwela iJordani, "Kukhona umcabango owodwa ongijabulisayo futhi ojabulisa inhliziyo yami, Ngeke kudingeke ukuba ngiwele lowomfula ngedwa." Yinto eyodwa leyo. Ngelinye ilanga ngizokwehlela emfuleni, ngeke . . . Uzoba Othize lapho olinda . . . ngibingelele. Ngizoba ngothembekile.

228 Lapha Wakhuluma ngeZwi laKhe, ukhuluma kukho konke, yonke into isebenza nje ngokuphelele ngeZwi. Akekho ongasho noma yini emelene nakho. Kubekwe phambi kwabantu. Ngokushesha leliphimbo lizothuliswa, bantu. Ngizweni. Ngizweni. Ngokushesha ngeke, kusaba lapha. Ngeke kusakhulunywa, khona-ke uzomangala. Kodwa ngenkathi usengezwa, lalela.

229 O Nkulunkulu, Owadala amazulu nomhlaba, lababantu bayakhulekelana. Ngenkathi Uvuka ekuseni kwePhasika,

Wafakazisa ukuthi WawunguMesiya. Wafakazisa ukuthi WawunguMesiya ngaphambi kokuba Uvuke. Wafakazisa ukuthi Wawunjalo, ngesibonakaliso sikaMesiya, uPhawu lukaNkulunkulu olwalukuWe. Wabekwa uphawu kude noNkulunkulu ukuba ungenzi lutho ngaphandle kwalokho Akusho. Ushilo, "Ngenza njalo lokho okuthokozisa uBaba." Lokho ngukuthi gcina iZwi laKhe. Ukuze sijabulise uNkulunkulu, sifanele sikholwe iZwi laKhe futhi sigcine iZwi laKhe. Bese kuthi-ke, Baba, kunjalo nanamhlanje, ukuthi yonke indodana noma . . . kaNkulunkulu, yonke indodakazi kaNkulunkulu, ukuze ithokozise uNkulunkulu, ifanele igcine iZwi likaNkulunkulu. Futhi, Nkulunkulu, sigcina iZwi laKho manje ngokubeka izandla komunye nomunye. Futhi ngikhulekela lezizethameli.

230 Emva kokuba sesizwile iZwi lishunyayelwa, futhi sibone izihambi ziphakamisa izandla zazo, sibone uMoya oNgcwele omkhulu uphumela lapho futhi ubatshele yona impela imicabango evela enhliziyweni yabo, nokuthi bangobani, lapho bevela khona, okwenzekayo, futhi konke ngokuthi, abantu bebengangabaza kanjani futhi na? Nkulunkulu, lowo ngumvuzo omkhulu walaba abame kulokhu ukusa bezungeza lezizindonga ezinkulu zebandla lapha.

231 Nezitho zenu zinkenketha, nomama abancane nezingane zabo, nobabayi, nabadala, nabobonke, belindile, bebhekile, bebhekile ukubona isibonakaliso esisodwa sikaNkulunkulu ophilayo. Bese-ke uMbona engena enkundleni, futhi afakazise ukuthi UnguJehova, ukuthi UnguJesu, Ovukileyo. "Ngingophilayo kuze kube phakade, futhi nginezihluthulelo zokufa nesihogo," ngoba Wephula uphawu kukho. Wephula uphawu lokufa. Wephula uphawu lwethuna. Wephula uphawu lwesihogo. Wephula uphawu lwethuna. Futhi Waqaqa uphawu eMthini wokuPhila, futhi wasibhaphathiza ngoMoya waKhe oNgcwele kulowoMuthi wokuPhila, futhi wasenza amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, futhi wasiyala ukubeka izandla komunye nomunye: "Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda." Baba Nkulunkulu, kufanele kube njalo.

232 Ngimemezela ngamandla eVangeli, ngoNkulunkulu waseZulwini Owangimisa futhi wangithuma ukushumayela iVangeli, ngoNkulunkulu Owaloba iZwi, ngeNgelosi Ekhona ukuqinisa iZwi, Ngikusho lokhu ngenxa yokukholwa enginakho kubantu, ukuthi udeveli uzofanele ashiye wonke umuntu ogulayo phakathi lapha, wonke umuntu ohluphekile, futhi amandla kaNkulunkulu ayobavusa babe nempilo enhle namandla futhi, njengesikhumbuzo salenkonzo yePhasika. Phuma, Sathane. Unqotshiwe. UJesu wakunqoba eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, futhi unqotshiwe. Phuma kubantu, eGameni likaJesu Kristu.

Kulungile, Dkt. Neville. Amen.

233 Kulungile, Mfowethu Neville. Bangaki kini abakholwayo na? Phakamisani izandla zenu. Bangaki abasho, abasho nalokhu: "Manje ngiyakwamukela ukuthi uJesu Kristu, njengeNdodana kaNkulunkulu evusiwe, UnguMsindisi wami, UyiNkosi yami, UnguMphulukisi wami. Sengiphilisiwe manje. Ngisindisiwe. Ngizophilela Lowo Owangifela. Ngizovuka lapha ebusheni bempilo, ukuze ngiphume ngiyokwenza okusemandleni ami okuthi Ubani . . . kuYe Owangivukelayo. Haleluya!" Makabongwe uNkulunkulu ophilayo.

234 Manje, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Bonke abazokwamukela lokho phezu kwesisekelo sokuBuyisana . . . Manje khumbulani, ngesinye isikhathi uSathane wakukhama, kodwa uJesu wayidonsela phansi leyonto njengokudonsa ikhoba esikhwebini sommbila. Wakususa amakhoba; nalokho Akwenza, Wadalula uSathane. Futhi ngenkathi Evuka ekuseni ngePhasika (Haleluya!) Wanqoba phezu kukadeveli, phezu kokugula, phezu kokufa, phezu kwawo wonke amandla esitha, futhi isitha asisenamandla. Singumkhohlisi kuphela. Uma singakukhohlisa, kulungile. Kodwa uma singeke sikukhohlise, khona-ke angeke ukumele ukukhohlisa kwaso.

235 Njengamanje ungemukela uMoya oNgcwele. Njengamanje ungagcwaliswa ngoMoya waKhe. Njengamanje ungaphulukiswa, uma ungeke ukuthathe ukuthusa kwaso. "Noma ubani othandayo, makeze ukuze aphuze eManzini oMthombo wokuPhila ngesihle." Uma nikukholwa, yimani ngezinyawo zenu, nonke. Phakamisani izandla zenu futhi namukele yena uMoya oNgcwele namandla okuphulukisa kwaKhe, eGameni likaJesu.

